

1

Henrietta V. Mhlongo.

Tidlo.

Tilimo

Agriculture, cultivated plants and related matters, of
the Amalala.

Umunu mangabe ewufati wemuti, ufwanele alumukale kubona
kokuthi utilimile tino tohe netilimwayo, ukute umuti wahe ujiye.

Ngoba banu, netiyambi, batophambukela ekhwakhe, afike
abenyulele. Ngekweda kwahe kanjalo uyumisa injoda yahe
eliveni. Ligama lemuti wahe liyema.

2 Banu labamnyama yibanu nabakwatisa kahulu kungenisa
tiyambi. Sengathi yibanu nabake badabuka neyolo. Naleyolo
yabo yakhelewa etulu kwelivesi nelitholwa enqwajini yaNkulunkulu
neyingqwela nelithi, "Ningahohlwa yiku ngenisa tiyambi. Ngoba
nganelimwe lilanga niyoke ningenise iNgilosi ninganazile."

Kwedlulana banu nekuganwa. Nomumwe numtane umane athi
enesandla nesephana kahle, yena, afane athi uyaganwa, aganwe
yimba nje. Ino, nje, nengeke imwenyulele munu noma esehulekile
kumnumtane.

3 Leyono, ke, ijumata umnumtane walaho. Kungate kwaphambukela
siyambi kulowo muti. Mangabe kuke kwangena munu, nje, ufike
injoda ibakata, nje, yesaba maqumbane wayo. Ngoba mangabe
ike yathatha kudla yenyulele muna, utothukuthela maqumbane.
Ebusuku injoda ngeke ilale kahle. Kote kuse ethetha mankomazi.

Ethethela kudla kwahe nokuthathwe yinjoda yakwenyulele
umunu noyisihambi. Iyosikati ite iphuthelwe nawusebedi
neyawuphumela ehaya iwujoyinele. Usebedi wekugona injoda,
ayiqamelele ngelifuphi. Ayilalise kahle esifubeni sahe, iyebe
kudliwa yimazenze.

Ithi ivuka ekusene, ivuke sekuhona invuka yayo. Seyiyadla
iyayamba ke. Noma iyambile iyambe yesuthi iqhalabile. Kuthi
noma iphambukela emtini, ifike yenyulelwe, ngoba nayo ivuke
yadla invuka, kumayomadi wayo, ceje, yayamba.

4 Kuye kulimwe majumbi, nabontshisi, nemanongomane, netinanga, nemahabe, nemaselwa, netindlubu, nemabeqe, Kulimwe maphudi, kulimwe bontshisi kulimwe imbumba kulimwe mabele, kulimwe matambane, kulimwe imbondwe, kulimwe mbila, kulimwe magula, nemathongwane.

Tigabe temathanga, nemaselwa, nemathongwane, nemagula, nemaphudi, nemabeqe, ka tiya dliwa. Tiye tiklabelwe ekhathi, tiphume tibe tibili. Kubuye kuklabelwe tingcezu totobili. Kube sekuba yitingcezu netine. Tiphekwe. Tibadlatele, mangabe setithambile tephulwe. Tephulelwa esithebeni lesihulu.

Kube sekuphakelwa etithebeni netinqane netiphele banu nabadlayo. Kudliweke.

Inombatana ibe seyiletha amadi. Baxube. Isuse tithebe itibeke. Ibe seyithatha umshanyelo iyashanela. Ibuthe tibi, itilahle etaleni.

5 Lokumwe futhi kudla nokuphakelwa etithebeni, yimajumbi. Wona, ke, embiwa endle. Ngoba asuke elimwe esijakeni, enelujaka. Enetimanje tixhakaxholo.

Mangabe enelujaka noluningi, . Umunu nosuke emba, ufike anqume uthebe ngetulu. Awuncume ngeligeja lahe. Awujilitele kasi. Majumbi aphume nebjaka kasi. Lujaka lunamatele emajumbini naketimanjeni temajumbi.

Umnikati sebedi, abambe sijeku asivuthulule. Kuhlephuke tinjalo. Luvuthuluke lujaka. Abe suke luphele lujaka, kusale timanje netihlophe.

Mangabe eseqedile kuwageta, awahlube. Ahlube timanje leti. Ewahluba njalo eluhlata. Nabamwe baye bacale ngekuwahluba esenelujaka. Bawagete esehlubiwe.

6 Mangabe esegetiwe, ahlubwa, avuta madi aphela, abe sebuthelwa estsheni. Abe sethwala ke munu lowo nobeye kowemba. Ethwale ayambe eseya ehaya nawo.

Usetothi eyamba, ayambe ecalata embanjane. Imbanjane lena wuthi nofwana nesicunga. Luhlanga. Kojwa wona uba fuphi awudephi. Uba netinjawo laha umila sishishili hona.

Lothi unuka kahle. Uqishe unukise kwemajumbi evushiwe nabamwe bawubita ngekuthi yimbanjane, nabamwe bathi yimbutambutane nabamwe bathi yimbalimbanjane.

Bohe banu labati injaba yekudla majumbi, besifatana, bayawati lothi.

7 Uye athi munu mangabe esephuma komba majumbi ayambe ewucalata, awuhe. Afike nawo ehaya ceje, agete libojwe nelihulu. Ngoba phela, emajumbini sidela kuphekwe liqoma lohe, neli ngangeligqongwe laphalifini, leli nelikala mbila mangabe kudayiswa. Noma abe ngetulu kweligqongwe mangabe liqoma lilihulu.

Afakwe wohe elibojweni neli hulu. Ngoba phela, utofike awethule ceje, athathe sephalo nelibojwe. Aligete kahle. Abe sendlala imbutambutane ngakasi. Abe sehetha tohe tijeku, etifaka ngakasi. Abe sethela tinjalo ngetulu kwetijeku ngoba amagoni ohe uyawephula etijekwini ngesihathi esa wahluba luhlata majumbi. Afake amadi, ke. Abase unilo ceje, agximeke libojwe etiko.

Kuthi mangabe sekugubutela, athele sawoti. Abasele. Ato bwadlatela abwadlatele majumbi, kute kuvushwe tinjalo.

8 Tibe nemiveve yekuvushwa. Kube yihona ebasela ecinisa. Abasela abasele. Kute kube yine sije sihathi lesi. Mangabe esha amadi awathele.

Utokala abone, ke, nekuthi tijeku nato tivushiwe ngoku. Kushe amadi, ceje, awephele. Abe esebeka libojwe emsamo, elitibukulile.

Lithi mangabe seliphume umoya, aliphake. Utothi mangabe esetophaka, edenje:-

Utoha amadi ngesitsha, awabeke ngakebojweni. Yena abe esetigetile tandla tahe, ngobe esetophatha kudla.

Abeke sithebe nesihulu ejute kwelibojwe. Aligobise. Mjumbi athi buhlu, ngoba egqwele phela. Abe sewajonsa ngesandla, ewajonsela esithebeni. Athi mangabe esha, ethi uyaphaka, mangabe esha, ethi uyaphaka, angasiphepheti sandla. Asicwilise emadini lawo nabanjayo.

9 Athi mangabe esephakele kwegqwala kulesithebe nesihulu, abe se evusa libojwe, noma esehona majumbi elibojweni.

Abe sethatha siyadansa (sijeku nesihulu) anike ingane nenqane kojwa neseyidla, iyamba. Ijabule ingane ithole lijumbi nelihulu! Ihe seiyayeka, ke, kugqolotela nina ephaka. Ithathe lijumbi layo iphume iye kodla enyango, ijabula.

Abe sebuye athathe sithebe semnumtane, nesihle, atophakela majoda ahe kusona. Ngoba phela emtini kungase kube hona banu belibandla.

10 Kube hona injoda yaho, nebaforwabo nababili, neyise wenyeni Laba bobane belibandla, bangasebadlele njawomwe. Ngaphandle kokuba kube hona lihlelo lekuba uyise webafana yena aphakelwe yejwa. Kojwa imvama, naye yise webafwana uye athande kudla nemajodana ahe mangabe besadla njawomwe.

Lowo, ke, wesifatana nophakayo, aphakele kulesithebe selibandla. Akhethe tinjalo tojwa. Asiqongise sithehe, edela kokuba badle besuthe.

Majoda akusiwo ohe nadla majumbi. Nalawo nawadlayo, awatidli tijeku. Atiyekiswa yikutimuka kwato. Ngoba kuye kuthiwe injoda nedla tijeku, itoba nesisenje. Sibe ngangalesigaxa sesijeku nesidlileyo. Ngako, ke, mangabe kuphakwa majumbi, umunu nophakayo uqaphela kokuthi kuhle libandla aliphakele tinjalo tojwa, angalifaki lijumbi neliyisijeku.

Abe sethatha nesimwe sithebe ephakela bafwana nabangakabi yitisisiva. Abaphakele ahlanganise tinjalo netijeku. Aphakele tingane esithebeni sato.

11 Atiphakele tinjalo netijeku. Mano mbatana awahlanganise nabonina ngesithebe. Mangabe kuhona salukati, asiphakele sojwa, ngoba sona sibuye sitibekele.

Abe esetaba, ke, titshebe. Sekudliwa, ke. Kudliwe, kudliwe, kudliwe, kudliwe, kucejwe. Ngoba phela munu uyatihlubela majumbi Amuho nohlubelwa ginomumwe.

Mangabe sekuphelile kudla, usetobuyisa madi ngesitsha umunu wesifatana nofaneleyo. Anike libandla ligete tandla neminomo, ceje, lixube.

Lowo nobelethe madi ekuxuba, ubaxubisa ceje, abeke libikili. Abe sebutha mahasi, eshanyela. Babe sebebema banuntane mangabe sebexubile.

12 Ungadela uke wabona banunabakwati kudla majumbi. Abawadli ngetandla totombili. Bawadla ngasimuve. Lawa wona nayitinjalo. Umunu ulibamba ngesandla. Alinkamfule ngeminwe. Alithi putshu. Alibambe ngematinyo, ewathe kuwasineka kanqane. Alilume, ahlafune agwinye. Aphinje aliputshatele enomweni alahle kasi lihasi. Ahlafune agwinye. Ate awaceje.

Ebojweni, ke, loku abesele, kuye kuthi ufati ahiphele injoda yahe imvuka. Ngoba niyati injoda ifwana nengane. Iyabekelwa. Ngoba ilamba ekuseni.

Nakumajoda naphuta lijiki, injoda ibekelwa ngabonywana lijiki, yihona iyovuka iphute imvuka.

Nakuwona lawa naholwayo. Ufati uvuka kumnyamana apheke likhofi. Aphungise injoda imvuka.

Ithi ibinca injoda iphumela kandle, ibe seyiyitholile imvuka.

13 Ngoba nibona injoda iganwa nje, isuke ithi itedela sihlobo nesihle kufati, ma ititholela ufati wayo. Ngoba utoyibeka, ayibekise kwengane yahe.

Majoda ayadla. Munu noganiweyo uwanele adle ino nayithandayo, ngoba unemunu wekumchenyela.

Ufati mangabe etogana, usuke etogana injoda yahe, ngoba eyithanda.

Umunu nomthandayo, uye ufise kumwedela ino nehle. Injoda yaho, yingane yaho.

Kuhona namamwe majoda najacileyo, ejaciswe yikuthethiswa yibafati. Kojwa kunele kuqimwe sibani ebusuku, umunu eqe silili ayo lala embathe kuyona injoda. Ayithande, ayithande, ebusuku, kuyasa, ulwa nayo, uyayithethisa. Ubakisa ngayo banu eyeda

14 silima sahe ngoku emwini. Akufwanele loko banwanami.

Unyeni waho wuyihlo nenyoko. Njengoba wajela yihlo nenyoko, nje, wabambelela enjodeni. Kuhle, ke, wati tijingo temnganaho.

Ebusuku, unyeni waho usebeda kahulu ethokotisa wena ngoba wakulanja kini ekuthanda.

Kuhle nawe umbonelele unanomunu. Umshiye elele. Uye kcmwedela imvuka. Ngoba uyalamba ekuseni. Kufwanele adle inywana engakaphumeli enyango, ekute ligati lahe linqibilike.

Lothanda lijiki, mubekele bonywana wahe. Lothanda mahewu, mubekele bonywana wahe. Lothanda majumbi, wuyenayena, ke. Mubekele. Uphembe kumnyamana. Uwathele othwini, afujumale. Ufujumete madi. Eve ngoba usumvusa, nje, umnika madi k
15 ekuphondla. Aphondle. Ungahlala, ke, ejute kwahe, umhlubele majumbi. Ngoba anenyanyani. Niyathandana. Ungamhlubela ute umfude, ma uthanda. Ngoba unyango usavaliwe. Kusemnyamana.

Mangabe esesuthi, ke, ubuthe mahasi uyowachitha. Ushanele. Umyeke aqambalale mangabe esathanda.

Uphume uye kwenu, uyokweda misebede yaho yebuhoti hona. Uye efuleni kusemnyamana, ubuye uphembe sewuqhitha unotha washanela. Ubeke kudla etiko, nokutodliwa ngekusa. Ukushiye kubwadla. Unike tingane majumbi nasale kusihlwa. Tidle utitshela tisale tihwedela. Uyambe wena uye esimwini.

Uyosebeda usebede ukale sihathi nokudliwa ngaso ekhwenu,
16 ubuye utobonja kudla uphakele tingane, nebayeni baho, nebanu bohe, nawe, nidle. Ungayeki kumbekela unyeni waho. Ngoba amuho nomumwe nobeke intlalakahle yalomunu. Uwena kuphela.

Nabelitiye bejenjalo. Iliphunga kungakasi injoda. Kuyasa iyadla ngelibulakufesi. Iyaphunga futhi. Kuyacala kuhala boleveni, uyaphunga futhi. ~~Kuyashaya madina udla~~ Kuyashaya madina udla titshulu. Kuyacala kuhala bofo kuyaphungwa futhi. Kuyacala kuhala. Mangabe nithanda nithi futhi ninga kalali niphunge futhi.

Wena, ke, uyini? Ngoba belungu bayadla. Banu babedla. Wena, ke, utolambisa injoda yaho? Wothi wabusa ngani?

17 Sihundla sebudala yisihundla senkululeko. Ufati ujinga
ati kahle kokuthi ushade nje uyakotondlela njoda yahe. Injoda
yondliwa ngekudla.

Mangabe sekusile, musa kuba nelulaka. Ino yaho, nje,
funyela. Uyifingaqafingqe yohe misebedi yakukhwenu.

Uyasebeda uneligugu lekuthi litoshona lilanga utihlalele
nemngani waho.

Noma boyise nenina nabojadewabo bekwethuka tanya, wena
ungabanaki. Sebeda. Upheke. Badle bona besuthe. Wati sisu senjoda
yaho. Ungabi namngani. Mngani waho mumwe. Yinjoda yaho.

Wena, nje, yati sisu sayo. Uyatigeza tingubo tayo,
utishisa, uyayati kokuthi idleni. Ungathethi. Khipha bohe
bucikwe baho bwekupheka, uphekele injoda yaho.

18 Utobona mangabe wede njalo. Utobona incibilika ngoku,
injoda. Uyibone ihuluphala. Uyibone itimuka ngoku. Uve banu
sebehuluma bethi Au! Sibanibani? Kani wawujace, nje, ngoba
ungenamshakati? Wanela kumthola watimuka ngoku?

Kwakhona ufwana, yomotoniwa, emncane eyiluswadi lwelibungu.
Uthe laha eyisiva, waganwa yinombi.

Uthe eyoyibika, wafike wahiwa emtini. Wayesathe uyayibika,
uyalobola, batala netomo bathi abamfuni.

Inombi wayithanda wagula. Nenombi yamthanda yagula. Yabona
kokuthi ayinakusita lutho ngekugoya ngoba naku batali bayo
abamfuni ufwana. Yabuyela ehaya.

19 Watisukela mathupha ufwana wayoticelela lenombi. Kwafike
kwathiwa, mangabe eyiphikelele lenombi, kuhle ayilobole ayiceje.

Yomo toniwa watishaya tomo taba yilishumi nemchayiso.
Yathi injoda, yamba utijayise tohe. Uthenge bopondo nabayisihlanu
ngeyomo.

Wathi yena, ene, ngeke aphumelele kutijayisa tomo ngabo
pondo nabayisihlanu iyimwe, ngoba enjaweni yekhwabo tomo tishibile
Tibita bopondo nabathathu, nanababili, napondo nelishumi.

Tiyabi tibeti bopondo nabane, tiggine kubopondo nabayisihlanu.

Yathi injoda, ayikhathali yona. Wesuka ufwana wathi enombataneni abeqe. Yala inombi. Waphonseka kunungu wasebeda imali. Wayi lobola wayiceja ngemimwaka neyisihlanu. Wasina nayo.

20 Uthe engakasini lofwana nenombi yahe, washo waphumisela. Emncane eyiluswadi lwesiva. Emuhle. Wathi ufwana, "Mina mhla ngagqagqa nalenombi, ngotimuka."

Nempela ufwana wanele wagqagqa nayo, nje, watimuka. Yayinjani! Yayiphakela, mfana, Inehlidiyo nehle. Imwatisa unyeni wayo.

Naye wayeyikala isekubo. Abone impatho yayo nekuphakela kwayo, ancanywe yiyona. Wayithanda njalo wate wayenela. Mangabe seyikehaya, yamsampulela. Yafinyela yaba sigaqa. Yakhuthala endle, yakhuthala ehaya. Yapheka kwasha mifula yapheka imvuka yenjoda yayibekela injoda njengengane. Yaba nomusa. Yathandeka kubanu bohe ehaya. Wohe munu, nje, wamthanda mshakati wayomotoniwa.

21 Ithe isuka, isiva, le, yabunguka. Ngoba phela kwakuyinyanga. Yayamba yelapha, yayamba yelapha, yate yafika kangcolosi.

Yamshiya mahoti enetingane titithathu. Wayamba umlisa. Wayamba kwathula umoya. Kwaphela mimwaka yaba mihlanu.

Yahlala ingane yemunu yondla salukwati, ninatala. Yamondla noma sekukubi.

Kwathi nganolumwe lusuku, mahoti eye kohlakula, kwafika inyanga. Salukati satihalela ngethi wekubuyisa satihalela ngethi wekubuyise indodana ekubungukeni.

I yanga yasivela salukwati. Yasinika uthi. Yathi kuhle sigete imbita neyulu. Yafaka uthi ekhathi. Yathi kutofike k kulungute salukati simmemete ekhathi eluhambeni lolo. Kube sekuta mahoti, naye afike ammete. Kube sekuta ufwana wahe wemotibulo, naye ammemete embiteni nefwana nowelama nomhulu, naye ammemete embiteni. Nengane nayo immemete embiteni. Yathi inyanga kusalukati, uyobuya nombona engena nje.

22

Wediwa, ke, uthi wafakwa embiteni, yisalukati nenyanga. Wabuya mahoti emasimini. Wamtshela ninatala kwekuthi usethole inyanga, yamedela uthi wekubuyisa yomo toniwa.

Mahoti wathi, "Uphi?" Wathi ninatala, "Nawuya embiteni." Mahoti wathi wathi, "Mama, yomo toniwa lona, wangeshela, nje, libalele lithe saka. Wayengatange angiphathele muthi. Wayengeshela nje, ngenomo, nangehlitiyo yahe. Nami ngate ngehluleka, ngamvuma. Wangilobola wate washada nami. Ngatala nati tingane utibona. Angitange ngixabane naye. Namhla eymbayo, wangibona ngimpheke la uphako. Wangibona ngimhapha.

Ngoku, ke, mangabe eseyambe ceje wangihohlwa, mina angimhohliwe nete. Ngisamthanda. Nawe nina wahe ngiyakuthanda. Netingane tahe ngiyatithanda nemuti wahe ngiyawuthanda.

Yena atange angede ngothi kokuba ngimthande. Nami, ke, ngeke ngimwede ngothi kokuba abuye ete kumina. Mangabe seluphelile kuyena, kulungile atiyambele. Ngeke ngimwelaphe. Funa ate agule. Ngithi ngifaka uthi kani sengifaka kufa, lufufunyane. Luyambe lokwethwala unanomunu luye komwethwalela mina. Lufike laha lungulise.

Ngithi, ke, ngangedani? Cha, ngitowuchitha lomneneto ngibulale imbitha, le. Ngeke mina ngimwelaphe. Na engihohliwe kuhle atiyambele. Mina ngihleli netingane tami laha. Na ebuya wangihumbula, uyobuya ngingamwelaphanga." Washo wasukuma wathatha imbitha wachitha umneneto enyweni leyo, wayamba, waya koyibulala. Awabe esahathela nangekuthi ubeyithenge ngemali, imbitana leyo. Wamane wayiphihliphihlita, nje, wayilahla. Wabuya watihlalela.

Yomo toniwa eyambile.

Ekuyambeni kwahe, wayeyamba ehlala emitini elepha. Athi noma ehleti abe wumunu nje. Angabi nasithudi nesinganyesemnikati muti.

Uthi noma kuphekwe kudla, kuphakwe sitsha semnumtane.

25 Yena aphakelwe, nje. Noma kuphekiwe, kunesimwe sihathi kuphekwe kudla nangakukhodile ngehlidiyo. Kungabi biho munu notonaka kokuthi yena lokudia akuthandisisi.

Kunesimwe sihathi alale nje engadlanga, kani ulambile. Kojwa kudla nokuphekiweyo akumhlabi xhwele.

Phoke! Uyati nawe, kokuthi atihlali tiyudi tibe tibili sibayeni simwe. Ngoba tiye tihlabane. Naye, ke, mangabe ehledi esibayeni saleyudi, ifwanele abe yiyabi, nefunje lijoka. Angabi yiyudi netoshaya mithetho yayola. Ngoba, ene, uhona mnikati muti nototibusa ede kohe. Uyena, ke, nobusa ufati wahe. Mangabe ufati epheke kudla nokumthokotisayo umnumtane, kuphelile. Amuho nomumwe noyilihlala nongavela athi kufati apheki kahle. Ngoba iyudi ingathi yamba wena uye kulowo fati waho yilesihathi umunu lowo ebese hodela sihundla sekuhlala, abe sefela ekhathi noma ebona.

Wayesecabanga, ke, yomotoniwa talobola livila. Ethu, "Hhau! Ngate angaphatheka kahle, bo. Angisuthi. Angikutholi kudla nongikuthandayo. Angidli ngesihathi nengithanda kudla ngaso.

Kojwa n_ inofati. Uma ngikuye ngiye ngidle yone ino nengiyithandayo. Iphekwe kahle. Angiphe kahle ehleka. Kube mnanje nekudla noku phekwa wuyena. Kojwa sengite ngajaca nganje. Konje ngihodeleni? Konje ngihodeleni?

Loku nekwendlala ngihlushwa yikutendlalela! Kojwa mangubo wayengendlalela. Nekushanela laha langihode hona, ngiye ngitishanelele. Kanduba ngendlale. Ngivuke ngendlule. Kanti futhi ngilala ngidwa ngidliwa yitinwala! Hhau! Kojwa yini nje? Hhayi, ngiyayamba impela kusasa. Ngiya kuMangubo! Ngiyamba impela!

Wayepheka kahle lowofati wami. Wayati kudla nongikuthandayo. Ngisho esekubo waye ngiphekela kahle. Noma ese. Kumina wangi phekela kahle. Hhau! Ngiyamhumbula unanangubo. Wayengithanda! Ngiya kuyena impela. Ave ngitoloku ngihleli kanje, mina,

ngibopheke ngitholwe, kani nginefati nongedela tohe tino leti. Sibamu sefati! Hhayi! Mangubo mangabe ngiqabanga ngaye, Dadethu, kuthi angishiye netihwama tikwelapha ngiyambe keugiye kuyena. Tingisita ngani letihwama tami ngoba atingiphekeli? Yini
 28 ngoba nakeliveni lekhwethu ngiye ngelaphe baphile bangishayele tomo? Ave ngithi ngiyaciciyela ngekwelapha, wusebedi wami. Ngelapha kushe mifula mina. Dadethu ngiyayamba ngiya kufati wami, etinganeni tami."

Yohe lero ubeyihuluma yejwa ngehlidiyo. Ehuluma etiphenjula njengeluhlanya. Yena kojwa banu bambona ehleli kasi ethule. Kani ihlidiyo isila tibodi.

Bambona esukuma, nje, eqoqa tino tahe. Wagoxa sihwama sahe, mandawane welilala, wesuka wayamba. Nakehaya, babona ethi mefu, nje. Kojwa ejaqile.

Wafika ceje wahleka yejwa mangubo. Wathi, "Hhawu! Wafika yise webananami!" Wamthokotela embingelela emngenisa ehaya. Wamlanjulela indlala, ethi, "Hhawu kuse kwabonakala kokuthi
 29 kutofika ligati lami, ngasuke angate ngapheka nekupheka!" Washo ethatha mumbila ethi, gibu, gibu, wagola iyuku, wayincuma, wayicutha, wayipheka. Wathatha mbila wawufahla, wawukweca weda macebelengwane.

Wamphakela wadla inyama nemacebelengwane.

Uthe edla wabuya wahlala ejute kwahe. Embuta ethi:-
 "Hhawu! Ungabe usayaleta kojwa, bewuthi utongifiqa ngedani? Bahleke bobobili. Abe sethi Mangubo, ake ubone, ke, mfowekhwethu usutophuta amadi enkalankala. Angikwedelanga namehewu lawa. Asho edumela libwe, ewafahla. Wwapheka walala esewapholise wawavubela.

Kwathi ekuseni, wafujumeta macebelengwane nenyama, invuka Wathela luhamba lwemahewu. Wabe sepha tingane tahe sukhoko.
 30 Yena, ke, wathatha lithanga walicwecwa wapheka sijingi nesitodliwa ekuseni.

Uthe esephakile, sekudliwe, wayeseyomba majumbi akemwini.
Wathi esewabeke etiko wayeseyomba batata notodliwa kusehlwa.

Lofati wayepheka. Tingane tahe tihuluphele tiyitibumumu.
Ekhuthole, ehleka. Uthi mangabe ufike ekhwakhe nje, uve kokuthi
ufike chaya. Ethandeka futhi.

Yomotoniwa esebuyele ehaya.

Loku wayethe efika ehaya lomnumtane, wafika ejacile, wabuye
wancibilika. Wathi ukuba afike enombini yangubo lahaya, yafike
yamfutha ngekudla. Yamwedela umusa ayate yamxhalisa.

31 Uthe ukuba ancibilike, wahuluphala ngoku. Kwatise kokuthi
utimba wahe wabe uthambile. Ngoba umunu nonotimba nothambileyo,
uthi angaphatheka kahle etimbeni nakemoyeni, ahuluphale. Athi
mangabe ephatheke kabi etimbeni nakemoyeni, ahwabe.

Yena, ke, akumangalisi kokuthi wayefike ejaceleni. Ngoba
niyati kokuthi wayehleti ebalisa ngehlotiyo. Ebalisa
ngemuti wahe. Nawushiya kasi wayamba. Ebalisa ngetomo
natisebeda tingaphumi. Ebalisa ngekuthi uyokholwa kanjani
ufati yikuthi nembala banu abavange bamholelele tomo tahe?
Ngoba ufati utosuke athi wayetitholile tomo watidla netifebe.

32 Walinjela walinjela, naye Tomotoniwa ethi ngabe ufati
utobuta yini, cha, awange abuta. Wanqibilika ngoku. Kwathi
nganelimwe lilanga, bekaje bedla kudla nokumnanje, sebehleli,
wahuluma. Wathi ene, kuMangubo, "Kojwa wena wawuthi ngiye
ngayi, fati wami?" Wathi ufati, "Angati." Wathi yena, ene,
"Ngangibungukile. Ngabe nengqondo yekuthi kuhle kengikushiye
kasi, kengiye kophumelela. Kojwa ngayamba ngayamba ngabuya.
Naku laha sengihona. Angisacabangi kokuthi ngingaphinje
ngiyambe."

Abe sethi Mangubo, "Hhaw! Kani awuve utobuye uyambe,
ke, uye kophumelela?" Abe sethi Tomotoniwa, "Cha ngeke
ngiphumelele ungeho wena. Ngiyaphumelela mangabe nginawe.

33

Ngoba wena uyangijabulisa, uyangenelisa. Ngabuyiswa yisandla saho sekungipha. Amuho ufati nongangipha njengawe. Loku ngikubone ekuyambeni kwami. Bafati bayambe bepheka nje, amuho nongaphekisa kwaho. Bengilamba, ngoba ihlidiyo yekutichita ngekudla ayitange iphele yona. Bengibuye ngihohlwe yikuthi ngihlala emtini wemunu. Kuthi mangabe kuphekwe inonengingayitnandi ngiyiyeke. Mangabe ngiyiyekile futhi, kungabi biho munu nongi nakayo. Ngitilambeke ngejwa, nje.

Ngasengibuka ngibuka ngibona kokuthi ufati wami wayephekelele himi. Kuyamba kwami kwangimosa. Ngifwana nemunu notholiweyo, kani emtini wami ngiwumnuntane.

Labu limwe, ke, lami. Ngavuka ngayamba. Naku la sengihona." Wayesethi Mangubo, ene, "We, utobuye uyambe." Wathi Yomotoniwa, "Uyatihleka nanaNgubo! Ngeke ngiphinje ngikushiye. Noma sekuyini sofa silahlane nawe."

Banu, ke, bathi kuhona inandc neyelapha injoda. Ayiho inanjo. Injoda yaho ungayeda ifwane nengane yaho. Ikuthande ngothando nolulingana nolwengane yaho. Ngoba ingane ifisa nekukulanjela noma uyaphi, ukuba ayenqabelwa.

34

Nenjoda yaho, ke, ungayeda ikuthanje, ikulanjele noma uyaphi. Ibe nesitungu mangabe ingakuboni.

Ngoba (1) Uyayithanja. (2) Uyayisita. (3) Unemavelo nayo (4) Awuyithethisi (5) Esihundleni sekuyigxeka uya yeluleka. (6) Uyiphethe uyayilungisela tijingo tayo. (7) Uyiphethe uyayiphekela.

Sizathu sekuqala singangesizathu sekugcina. (1) Luthando alufani nalutho. Kojwa lugwele. Lweda umunu aphaphetheke ede tino.

Kojwa labamwe bathi mangabe bephethe yiluthanjo, banganise nemixhantela efike elone.

Ufice ufati ethanjwa yinjoda. Kunele kufike banu, nje, ufati kube sengathi uyabukisa ngenjoda yahe. Ayithethise ayithethise ayithethise, ate ayithuke. Ute uve kwenyela wena.

530

Ahohlwe yikuthi ayifuni kuthethiswa injoda. Usuke
 35 uyiphoxe kabi mangabe utibukisa ngayo ngembali kwebanu.
 Uyithethisa. Banu baye bathi leyo njoda yehlulwa wufati. Majoda
 akwenyanye kabi.kokuba kuthiwe ehlalwa wufati.

Kusitani, ke? Nawe mangabe wehlulwa yikuyihlonipha injoda
 yaho, nayo ngeke ikuhloniphe. Mangabe uyibona kokuthi
 iyakuphoxa, ikwehla ngetulu, wena thula, ungathukutheli. Yiyeke
 nje utibe. Yote yename. Kothi, nje, mhla yenamile, isihohliwe,
 uyitshela. Futhi uyitshela ngemoya nomuhle nje. Kokuthi kojwa
 awuyithandanga ino neyedileyo, idlala ngawe embili kwebanu.

Uyova. Iyojabuka kabi. Ixolise kuwena. Mangabe
 ungayiphoxi nayo ngeke yakuphoxa.

(1)

Futhi lona luthanja lolu, nabamwe banu bayalona. Baye
 bede mashende. Athi umunu enanjoda yahe, abuye abe nemwe
 36 netofihlwa. Wena, ke, ungathi yiluthando lolo? Cha! aluho
 luthando nolwedisa machende. Lishende libangela injoda yaho
 kufa.

Yona itohlala ithi uyayithanda, kani usuthanda lishenje
 laho. Lelishenje laho, nalo, lijahe luthando lonke lwaho. Lonele
 live, nje, kokuthi kani uyamba, nje, umnanji kanje, labe
 selijaha kubulala injoda yaho yihona litokuthola wonke.
 Alufuni kwehlukani swa luthando. Kuncono uthande kanwe. ~~Mank~~

Mashenje ajwayele kutawula munu lowo, bamphutise nethi,
 bede noma yithi muni, nje, Bekweda loko becupha unyeni ngelufovela
 yihona etothi uya kumkahe, afele kuyena. Lishenje, ke,
 beselichachata kahle esefile.

Nomanoli wake wehlelwa wuhlola yena, ewufati wamahlala.
 Wasuke waphinga naSibudu. Sibudu wayesetonja Mahlala ngoba
 ethi umphangela Nomanoli.

530

37 Kuthe nganelemwe lilanga, engeho mahlala, iyafika lenjoda. Yafike yambute Nomanoli yathi, "Kojwa ngitokwedenjani ngoba ngikuthanja kangaka njena? Mahlala lona uyakuceja, nje uyangiphangela. Angimfuni nokumbuka nje. Sengathi nokunqono ngingambulala ngoba uyangiphangela wena.

Wayesethi Nomanoli, "Nokunqono kuhle umhlakate ngelitshe afe". Bavumelana, nje, kahle. Ngoba luthanjo luyisilima. Banqumelana lilanga lekweda lowo sebedi.

Wayamba Mahlala ngamla obethe obuya sekutolalwa. Waye sefika, ke, naye lomunu. Wafika esehlome ephelele. Wabaca hona endlini.

38 Wangena Mahlala. Uthe la esathi uphelele emuje endlini yahe, weva libwe limphahlata ehlafunweni. Wajiyatela. Wayese ngwata ngekhono eluklangothini. Wawa. Wafa. Bajumela lithululo ba mfaka ekhathi bathatha lusungulo bamthunga. Kuthunga yona injoda. Iqosheme. Iyathunga.

Kani ithunga, nje, ihlangenisa nelibeshu, hbabe, njalo netinjoba tahe. Ngoba wayetiphambanise watiwisela ngehathi kweminede. Ehleli eqosheme. Egoshamele sona sijumbu lesi esithunga. Kani uthi uyathunga nje usehlangise netinjoba tahe. Watithunga ngenawala.

Ufati, lo, yona uyabidlanga usinja bulongwe ngenjaba ~~yakrigani~~ yaleligati neseligobota lenyeni wahe.

Bacea kamwekamwe. Babambisana, ke, ngoku. Bebambe sona lesididingu. Beya kosilahla eweni.

39 Bema, ke, eweni. Basiphosa. Basijejela. Uthe eyeka ufati, nenjoda iyeka, saya sijumbu eweni nelibanjaya. Wesala ufati. Yalanjela injoda. Isidonswa yitinjoba leti notihlangene nesi jumbu. Dakake. Munu eva. Eyela eweni. Ethungelwe kumunu efile. Ebulewe uyena. Embulalala ufati wahe. Ethe yikhona kutoga umninfati, kusale yena. Asole adle ufati esuthe ngoba ethi uyanthanja. Kojwa wafa kamwe nayo lenjoda nebethi uyayibulala, uyibulalala lite.

Ufati naye wafa lwembita. Ake ubone, ke, kufelwa yibanu bobabili. Yitinjaba teluthando nolubili. Ngeke ubathanje banu nababili ngasikhathi simwe. Ungamthanja nomumwe. Umtonje nomumwe. Kube, ke, ubanga kufa.

Awubeke, ke, Ufati! Usesala ehamisile. Wathi laejejela uthwalo eweni kwathi Hha-hhalakahla! Wabona lishenje lilanjela nje, lilanjela sidikadika lesi nebebebambi sene sona. Kwathi falakahla! Nya! Alitange lihale nakuhala. Kwaba yilona lingcwaba lalo, lelo njalo.

40 Washo kamwe ufati esebuya. Ekxhathi kwebusuku! "Maye babo! ngatiholisa wemame! Ngitoba yini mame! Ngitokwejenjani mame! ~~Ngita~~ Hhi! Hhi! Hhi! Ngatibulala! Ngitokwejenjani mame! We! Hhi! Hhi! Hhi!

Baphuma banu ngekuva loko kuncwina. Balanjela ngekhondo bate bayofika ekhwakhe. Babuta kokuthi yini uhalelani.

Aphuma maqiniso kumunu ejabukile. Wabatshela kohe! Wathi "Ngejiwa yiluthando. Ngithe nginenjoda yami Mahlala, ngase ngithandwa wuSibudu. Nami ngamuthanda. Lwakhuta luthando lwaSibudu. Sabona kokuthi Mahlala uyaphatamisa ngoba ngoku siyebana naSibudu. Sesaba Mahlala. Sambulala, ke, Mahlala. Ngithe ngisinja ligati wabe emthunga Mahlala, Sibudu. Kani ngiyabona nje, kokuthi uthunge wahlanganisa naye. Angati ngoba ngibone sekuya kohe eweni. Bafa bobobili.

41 Au! Bawuphalala banu ukhosi. Basekela ngedasi kweliwa. Baye babafiqqa bobobile. Sebepihlike, baphihlika. Kojwa tinjobo tithungelwe ethwalweni lo nothungiweyo.

Bahiya kasi hona laho banu batibuyela. Lofati wayethi uyathanda kani uyabulala. Wayethi uyiliqili kani akwati kutikhotha ehlane. Ethu utodla kahulu, kani ngeke adle nalokunqane. Sinjalo, ke, sono semunu. Siyamfumana.

Yilona, ke, luthanjo nolubi lolo. Luholela eweni. Kuhle nje kuthanja munu abe mumwe. Umthanje ngehlitiyo yaho yohe. Umhloniphe. Weneliswe wuyena.

(7);

Injoda iyaphekelwa. Mangabe unayo injoda, kuhle wati kokuthi iyadla belu. Nawe ingavane ikubuke uyimbwa nje mangabe seyilamba wena uhona, ungapheki. Kuhle wati sisu senjoda yaho, usatise okwesisu sengane yaho yemagqino.

42 Ngoba ingane yaho uye uyibekele nje isuke ingevi ikuqelile kudla kwaho. Uye utatele wena, nje, kokuthi mangabe ngithole ino nehle ngitophathela ingane yami. Mangabe ngiphekile ngitobekela ingane yami.

Nenjoda, ke, kunjalo. Ufwanele ucale kwati sisu sayo usayivumile, nje. Mangabe kuweyakuje, kufuneka uvule, la, ekhanja laho. Ithi mangabe ita enjaweni yekhwenu, uyiphekele. Iseyilisoka nje. Upheke kudla nokuhle nokwatiyo ngehlidiyo yaho kokuthi lokudla okweli hethelo.

Ukuphakele esitsheni. Ukufihle embiteni yemadi. Wethwale imbita sengathi utiyela efuleni nje. Kani uyati wena. Ufike ubeke imbita efuleni ukhiphe kudla ukugijimise ukuse kulona lisoka laho, la lihleli hona.

43 Senitohuluhuluma, ke, nibonisana kokuthi nobonana ngalisu lini. Ube sewumshiya. Uyambe uhe madi uye ehaya. Nifike nidle niceje. Nibuthe njengakemisukweini. Nibuye niye kotilalela.

Kutokwati wena, ke, sihathi sekuphuma. Utothi kokuba ubone kokuthi balele ngempela, kusafike nobuhulu, uvuke. Uvule. Unyonyobe. Uphuthume unanomunu. Uyambe unelualo lwekwenqena bakwenu.

Ufike naye engalele. Esekulinjele ngelualo. Ngoba phela luthando linelualo. Sewutofika, ke. Nifike nihuluhulume leyo ndatshana yenu nebenitotshelana yona. Uthathe sibwa ubuyele ehaya. Naye ayambe aye ekhwabo.

44 Kuyasa utilalele ikhwenu. Ufwana nemunu nongatange aye njawo. Kani uyati wena. Naye uyati. Othi mangabe eseyejwa, aqabange ngawe. Athi noma ebeqabanga ngeluthando lolu

nenahlangana ngalo, kojwa aqabange ngekudla nowamupha kona. Athi Hhawu! Lomunu wangipha kudla lokumnanji kangaka! Abuye athi Hhau! Kojwa ubeqabangeni ate angiphekele kahle kangaka. nje? Abuye ahlale, ahlale, aphinje futhi. Uye kombeka futhi umbute uthi, "Kojwa udleni mama?" Mhlawumbe abe netihloni. Athi Hhayi ngidlile. Kani usho, nje, ulambe uyawa. Athule, nje, unanomunu apheke athi du. Ede lisu lahe. Athi nyelele. Afike nako.

Afike ahlale kasi naye amgone. Amfude kahle ate esuthe. Uyesuka laho ubuyela emuva. Mhlawumbe enyukela kubonombatana newumngani wahe. Ayithathe ete nayo ekhwabo. Kube sengathi kaje, nje, elibele nayo ekhwabo siyiyamhapha.

45 Bafike bangaboni ehaya. Nayo itihlalele, nje, sengathi akuho lutho. Balale. Balala njalo, abati bona. Kani inombi yona ithi, "Lala lulata ngikwengule."

Ibone kakuthi bayahonqa ngoku iphume. Iyambe iye kumunu. Bayoyihuluma, bayihulume, injaba yabo, bayiceje. Abuyele ehaya, afike alale kuse kuyiloku ehona nje.

Athi mngani wahe noma eseyambile aqabange. Athi, "Hhawu! Wate wangifuda kahle umunu! Nithi ave ngingaba yiyosi ngike ngashada nemunu notoloku engifuda kanje!" Aqabange ngawe angakuceji laha ume hona.

Njalo, kuthi nganolumwe lusuku umphathele kudla, kojwa ute, nje, nakasuku. Kojwa ungavumi mangabe ethi ake nilale. Umgone, nje, umshiye enemona waho uyambe.

46 Qyambe eqabanga ethi, ethi, kojwa ngoyilobola nini ngiyi buyisele komi ibe eyami! Kuyasa uyabuya. Umphathele futhi kudla. Uye futhi niye koxoxa nge sihathi lesa. Ufike umgone. Umcabulise. Umshiye ehluphekile. Ungavumanga kokuba nilale. Uyambe wena.

Utofike ehaya asho. Athi ngifuna kuyiteka inombi yakakuthini bahle injaba yetomo. Abuye ete kuwe. Afike umphekele. Umfude kahle umcabule. Ungavumi kuya kasi.

Umhluphe ngempela. Uncishane ngempela. Uncishane uhleka nje,
kojwa angakutholeli.

47 Utokutshela injaba yena. Afune kokuba nihlele kokuthi
nitoganana ntlobo ni. Nempela ajahe ugane. Akulobole. Abe
wukhwemwana ngoku. Afike ekhwenu. Ufike umphekele kushe mifula..

Athi noma ekubo ngoku eve sengathi adli mangabe engaphekelwe
uwena. Akuhumbule. Engasakuhumbuleli lithando lojwa. ~~Esekuhumbuleli~~
Esekuhumbulela kupheka kwaho futhi. Use humbule sengathi
angahlala nawe nje, ngoba uyinono. Uthi mangabe efika ekhwenu
afiqe uqoqile wasinja, kube kuhle. Yena aqabange athi yikuma
kwaho. Kani usuke wedela ngoba kutofika yena.

Mangabe esekuqelile, esekulobola, umbulale uhleka nje.
Umuphe nomningi musa neku mwedela kudla kahle. Uvume nje
emcabule. Kojwa ungalokothi ulale naye.

Mangabe uke walalela leso seluleko sami uyosheshe ushade.
Wena sewuqabanga uthi bafwana laba baganelwani? Baganwa ngoba
kusuke kuhona ino nabayesweleyo bengenakuyithola ekhwabo.
48 Baphume, ke. Bayambe befuna. Basithole sidleke seluthando
kuwena. Babe sebefuna lokujulileyo, ke, kuwena ngoba naku
uyabathanja.

Wena, ke, ungalokothi uvume. Umtshele nje uhleka uthi
ayi angifuni. Akuyona yami leno. Iyomo yamana le. Ngeke
ngikunike ino yemunu. Yini ngoba ngiyakunika kohe nokungokwami.
Nawe ungeke uthande kokuba ngikwebele tino tebanu. Ungangala
uthi ngiyiliselala.

Abe yathe! Abeyathe! Wale wena. Utoyamba. Aqabange kokuthi
awuvumi kojwa. Kani wala nje, yena uyakuthanda. Akale similo
saho. Abone kokuthi sihle. Wethembekile. Awephani. Awusona
sifebe.

Abuyele kuyise nenina. Nemkhongi. Kujahwe tomo. Kuhlalelwe.
Ushade. Ate ayithole ke, leyomo nabethi mwebele yona, wena
wala.

530

49

Kambe sengite ngafika kuto tohe letinjaba nje, bengihuluma ngekuthi injoda ixubwa nekudla.

Angisahulumi, ke, ngani manombatana. Nina, ke, senefunji swa kupheka tibiliboco, nje, kuhle nilalele nicinise leno nenyitshelwa yimahosatana. Nikufunjisise kupheka loku.

Anati laha notholwa hona. Nami, nje, ufwana wami ngiyamtshela ngithi, nanami, funja uye noma yikeMadimtoti. Ufike ufunje ucalata inombatanyana nje, noyoyibuka uyithanje. Nefunje kahulu. Yihona yongiphekela nokumnanji sengigugile. Ngoba mina sengohlala kasi ngigade tingane. Mahoti nawe nibe niwu sebeda usebedi lowo wenu weku finjiswa kwenu. Mina ngiloku ngilanja tingane, nje. Nina nibe ningilethela tidlo netihle kube kuphela, njalo.

50

Kojwa, ke, nami ngingayilobola inombi mangabe inesimilo nesihle. Ikwati kuphwka.

Ufwana ngeke ajahe kuphuthuma kuganwa mangabe engesweli lutho. Ma wephana neyomo yenyoko wolibala kuthola injoda. Ngoba mangabe ufwana ethola yohe ino nathanda kuyithola kuwena, ayiho ino nangabe esayiganelwa, ngoba phela useyitholile, nje, ino nabeyithanda.

Kunjalo, ke, banwanwa. Kuhle kutiphatha kahle. Utiphathe ngetindlela tohe, uwumunu. Uhuthale esebedini. Ube lula. Umoya waho ibe muhle. Uyo kwephuta nekuguga.

Mangabe wethwala tintshwaqa, uye ngekutichenya kwaho, usuke utobona sekuwukuma kwaho, nje, kuhlala unetintshwaqu. Uguge ngemibimbi, Kani kuhle, nje, ube yisalukati kahle.

51

Leno yohe, ikahulu, mina ngingayiconjisa emanombataneni. Ngoba yiwona naphatha tidlo. Futhi yiwona natana netindlela tekupheka.

Kuba kuhle unwanwa wenombatana ekwati kuphenjula tidlo ngetidlo ngekudla. Nina, ke, niyafunjiswa.

Kucala, inombatana yayibonela kunina. Mangabe kulimwe mbila, nabontshisi, nemathanga nemaselwa netindlubu nembumba nemabele ibe ijabulile sekuvushwe kohe nemanongomane.

Kutothi, ke, mangabe sekuhlade mathanga, apheke mifino yetinanga nje. Utoyihha, ayihe, ayihe minyombo, abe seha tigabe tekucobela. Ahe lisweli. Asile manongomane. Asile pelepele.

52 Usetocoba sigabe mangabe ese sigetile acale ngekusiklaya asi debete ngesisheshe. Abe sebuye esicoba. Abe secoba mifino futhi, eseyi hlubile. Ayihlanganise nesigabe. Acwecwe batata awufake. Athole na damada awucobele (phela damada wa wuhona nakucala lona nomncane notimilelayo emataleni). Ivushwe ceje abonje. Kube yinesihulu sibita lesi.

Umunu mangabe ethanda asidle najeqe. Noma yiliphalishi nelishubile. Noma yiluphuthu. Noma yidobe. Noma wucaba. Mangabe ethanda futhi asidle sojwa, nje, sibita lesi semifino. Ngoba futhi yibasuthu nasebaqhela kusheba.

Banu, nje, bona, sona lesibita semifino basibonda ngemuphu, noma ngehlama kuthiwe yisijabane. Kube yisidlo nesipheleleyo. Nesitophakwa sidliwe yibanu bohe kojwa banu belibandla abakuthandisisi lokudla. Bathi okwesifatane.

Tidlo

1

Tilimo continued.

Etinangeni, kufike kutshalwe tinanga. Kuthi mangabe setiyimathende, ke, ticambe minyonibo netitokwenaba ngayo. Tithenwe, ke, yihona titothela kakhulu.

Mangabe setitohenwa, kuye kuthi umninito atithenele, mangabe ehladisa. Mangabe engahladisi, asho enganeni neyiliwele imthenele. Mangabe engayitholi asho kumunu wemagqino. Mangabe kohe loko kungalungi, ke, encenge nomumwe munu, nje, nohladisayo, amthenele.

Kuthena.

54

Umunu uye avuke kuseni, angageti buso netandla. Angahulumi namunu futhi. Ayambe aconje esichakeni setinanga, leso, mangabe tinanga titshalwe tojwa. Ma titshalwe nembila futhi, avuke aconje hona. Afike atithene. Mangabe efika hona. Ancide sihloko seluthanga, asiphimisele ngemathe ceje, asilahle ngemuva. Angabeki ngemuva.

Utotincweba tohe, ke, tinanga esichakeni, mangabe titshalwe esichakeni. Esimwini, mangabe titshalwe esimini yekudla. Ati nowebe, atincweba, aceje. Abe seyamba angabeki ngemuva. Afike ceje ehaya, kube yihona egeta tandla nemehlo. Ehuluma.

Etinangeni, kudliwa mathanga nabovu esevushiwe. Kudliwe tigabe. Timpontshane tisekandukuhlada. Tiye tiqobele mifino yetinanga. Magwagwa aye ahiwe ede sigwamba. Atimbiwa kasi tinanga. Tidliwa ngetulu kuphela. Mangabe timbiwe tibe setiyabuna. Kubune wohe mnyombo noma ubumuje hangakanani,

55

Mahabe.

Mahabe wona, atidliwa tinanga tawo. Kudliwa buthumbu. Kani futhi buthumbu bwemathanga njalo buyadliwa. Netinanga temathama tiyadliwa tiwuthi. Uthi wetilo. Kuye kuthi mangabe kuhona munu ehaya, nosoleka kwekuthi unetilo, abe setibonakalisa.

Kube sekuthathwa sishuqulu setinanga, Setigayingwa. Abe seyatidla, ke, lomunu nobesoleka kokuthi uNetikelemu. Mangabe enehlahla tiphume ngempela aphile.

Lihabe lona, umunu ufike kalisike ekhathi, mangabe selivushiwe. Afike tihlamvu setimnyama, netimnyama. Setibovu netibomvu.

56

Inyama yelihabe yona ibe hlophe ilikhevukhevu egqwele amadi. Umunu, ke, athathe luhedo, axhoxhe, axhoxhe, kusuke kugqwale madi. Abe sawaha qeje ngeluhedo awaphute. Kube seku hlungeka tihlamvu, ke. Abe setihetha ngeluhedo etithela enyweni. Tenekwe. Tome ceje tifakwe esigubwini, tiphanyekwe. Leto, ke, setoba yimbewu. Ngoba phela, noma etihetha, akwati kutihetha tohe.

Kube sekuthi, ke, leti netisalelayo, tona, tikheke kamwe nelihabe nelidliwayo. Tingene enomweni. Abe setihetha ngelulimi mangabe edla. Atiphimise. Leto, ke, netike taya anomweni, ngeke tibe tisalunga mangabe titshalwa. Tibe setiyalahlwa tona.

Lihabe aliphekwa. Lidliwa luhlata. Limnanji lifwana nashukela mangabe selivushiwe. Lihle kahulu uhlideka ngalo munu wemtini mangabe libalele. Liceja koma.

57 Umunu mangabe elidla uligomboloqa kulona lolugebeti lwalo ate aliceje. Kube sekusala lona lugebeti lolo luyindishi nje. Lulahlwe.

Mifino yeluhabe ayidliwa. Tigabe talo futhi atidliwa. Tinanga talo futhi atidliwa nato njengoba kudliwa timathanga. Netimanje talo atidliwa.

Lihabe livana nemajumbi. Mangabe tinanga talo unato, uye utigabele esijumbini. Ngoba injawo nenamajumbi isuke inemahabe futhi. Ube sewuwafiqa equlusile, nje, esijumbini. Mangabe evumile. Tinanga tawo atichumi tilingise timathanga.

58 Masilwa wona aye adliwe eyitigabe. Mangabe esecinile abekelwa imbewu. Awakhuli. Adliwa laha eyitigaca netingangesibakela Esathambile. Ayaphekwa, ke, wona. Akhabelwe ekhathi, aphekwe nembila.

Mabeqe.

Mabeqe wona, mbala wawo uyihungqu neliluhlata, njenge mahabe. Futhi emise kwemahabe nje. Umunu nongaconji angathi libeqe yilihabe. Nekwenaba kwetiselwa tawo kuyefwana.

Mabeqe awadliwa luhlata njengemahabe. Aphekwa sijingi. Afike aklabelwe tingcezu netincane. Kube sekuhethwa tinanga. Tihiphwa tohe. Beselicwecwa lelo lucedu. Kuthathwe nolumwe kwediwe kona loko lite liphele libeqe. Bese liklabelwa elibojweni. Kufakwe kanqane madi. Ngoba yino netala madi.

Nabamwe basithanda kabi sijingi selibeqe. Mina angisifuni nete. Ngirumanisa kwekuthi bamu bakelwandle ngeke bawaxhele

530

59 mabeqe ngoba ave kuyisilimo sakelwandle. Yisilimo sakehla nelive.

Laha elwandle kulimwa tingezunga tabompwampwini. Umunu abonje sijingi nesibomvu nesivakele. Angabonji ino nepholileyo nje, nehlophe njengelibeqe. Sengathi ubonjela tingulube.

Entla, ke, mabeqe ayiligugu. Ngoba phela bawejwayele. Futhi nabo bawadla, bawadle, bate bawaphe netingulube mangabe esemaningi kahulu. Munu nosuke enemathanga phela wefuya tingulube. Ngoba nabolayo aye anikwe tona. Nemabece. Nemaselwa. Nemahabe. Yohe, nje, ino neyenabisa kwetinanga, yenabe, iyathandwa yitingulube. Ngoba ngisho nemahasi abatata tiyawadla tingulube.

60 Wona mabeqe nemathanga, kuye kube yibumaklamakla etingulubeni tihuluphale tingesuki kasi.

Maphudi.

Maphudi wona adliwa eseyimathanga nje. Nabanwe, ke, bayati thanda netigabe tawo. Nabanwe futhi baye bayidle nemifuno yawo kojwa akuho kudla nokuyitiselwa nokungafika kubompampwini. Mpwampwini ukhulule kahle kahulu. Futhi ehulule ngako kohe ngoba nemagwagwa ohe eda sijingi nesingayiwa. Hhabe, ave ngisho sijingi njalo. Ngisho sigwamba. (sijabane.)

Awuboni, ke, baye basede, nje, sigwamba seliphudi, kojwa asihlwabusi njengeselithanga, semifino yalo.

Nakeliphudini, atidliwa timanje talo, njengalona lithanga tingadliwa timanje talo. Kunjalo, ke, kweda kwayo yohe ino neyenabayo, neyitinanga.

61

Batata.

Batata, ke, wona, uthslwa mahasi awo. Aye ahiwe, nje, mujokajoka nongangengalo. Mangabe kusuka esandleni kuya endololwaneni buje bawo. Lawo mahasi namahe kangako aye ~~atsh~~ atshalwe ngemihono mangabe linethile. Mangabe umunu efuna kuwatshabeka, ke, uwaha abe ngangengalo yohe, ukute kuthi ma kutshabekwa angagcibeki wohe elisoyini letiyabi.

Bathi, ke, ngoku, njengalendlala nengaka nehona, nje, banu baha mahasi abatata bawaqobe mifino. Babonje sijingi. Hhayi,

sigwamba njelo Bathi nabasatiyo, simnanji kabi. Kojwa mina angisati. Angifisi nekusiva. Ngoba ngingumunu wakubo kampampini. Tohe tidlo tampampini ngitati kahle. Angitange ke ngiyive indlala ingikhwele. Nangoku, nje, kuthiwa yindlala nje, mina ingihladisa bompwampwini bami nabayinguzungu nje. Ngakoke, ngingeke ngone unmo wami ngithi ngipheka kudla kwendlala ngingakwati. Hhayi. Sigwamba semahasi abatata angisati. Bayasisho nabasatiyo. Kojwa mina angisati.

Batata wona uhlada tigaqa ngakasi kwehlaba. Awuhladeli ngetulu. Uhlada ngakasi. Uhlade tigaqa netingangesibakela. Netimwe tibe ngangetibakela tihlanganiswe totobili.

Batata uyaqhoboshelwa. Futhi uyaphekwa. Futhi uyavubela. Umunu mangabe elime batata kunessimwe sihathi uye awuhlakule. Kani futhi noma engawuhlakulanga uye udlule ube hona mangabe kuyinjawo yahe.

Phela wona uye utshalwe engqathweni. Kani futhi nakelihlangeni uyavuma. Wala sidaka. Batata lona, ene, mangabe uwumba, uye uwumbe uwumbe, uhethe nowuthanjayo uwuqhoboshele. Uhe umba wena.

Kojwa ino yekucala, uye ufike nesitsha ceje, usimbote kasi, umbe. Kuthi sigaqqa sekucala noyosilipha usibeke ngetulu kwesitsha nesimbotiweyo. Noma ucale ngekuhipha batata nongevi uyisigaqqa nesihulu kahle, uye uwubeke ngetulu kwesitsha nosi mbotileyo. Inqobo mangabe uphume kucali.

Mangabe wejenjalo, ke, sewutokumba uwuthole batata. Kojwa kunessimwe sihathi udlule ukwale. Ungaphumi. Mangabe ukwala. Ke, z batata, kani wena uphume utowumba, uye wede netinye taba. Uye uhe lihasi labatata, uliqwaze ehanja. Uhe nelimwe ulibinqe eluhalweni. Batata obe sewuyaphuma, ke.

Mangabe sowunningi, ke, ubuthele esitsheni, uye nawo ehaya. Ehaya, ke, sewutohetha wohe lonongathi mnqane, uwupheke nemahasi. Ungatheli kahulu amadi ngoba usheshe uvushwe.

Mangabe sewuvushiwe, uye uqheketeke miveve. Ube sewuyabona, ke, kokuthi uvushiwe. Ngoba ube upheke sigaba sabatata nolinganayo ngebuhulu.

Mangabe sewushile uwephule. Ushaywe wumoya. Ube sewuthatha tithebe uyaphaka. Kudliwe, ke. Kube yilowo munu atihlubele, adle.

Banu nabajala baye bathi batat ubanga silungulele. Sengathi munu angawudla ceje abe sephuta madi engakabodli. Munu mangabe kaje kudliwa batata kucejwa ceje kuwudla, awole
65 mahasi. Utohetheka nje, ngehathi kwebanu nabadlayo, notowabutha mahasi. Mangabe engahetheki, ke, uye ahethwe yilabajala. Emajodeni, ke, kuye kusuke munu, nje, aye kobutha mahasi asuse nesithebe, abanike nemadi banu belibandla.

Mahasi, ke, aye athelelwe imbwa mangabe yefuyiwe, iwada. Athelwe ekudleni kwengulube mangabe kwefuywe ingulube. Athelelwe tiyuku etaleni mangabe ingefuyiwe imbwa nengulube.

Lomhulu, ke, umunu nophekayo awucwecwe luhlata. Awucwecwe ewufaka emadini. Edela kokuba ungabi nemasi abatata ube sewuba mnyama.

Abe sewupheka, ke. Awufake sawoti. Awunonge nangelisweli.
66 Napelepele. Afake madi nje nalingene kuwu vushiswa. Ushe ceje madi, kwephulwe.

Lobatata nophekwe kanje, ungadliwa wojwa, munu abinjwe ceje aphude madi. Futhi ungadliwa nenyama, x nemhludi. Futhi ungadliwa nemifino. Labamwe banu bona baye bamhlubele esitsheni batata, mangabe ephekwe nemahasi. Babe sebenika banu belibandla sewuhlubiwe. Bawudle ungabe usaba hlupha ngekuba ngcolisa.

Batata uyashica mangabe sewumdlele futhi. Ubuye abe nesi jina.

Batata uyavubela. Mangabe ufuna kufahla macebengwane, wede khukhumala, uye usile batata uwukwece nehlama. Ibe seyihuhumala. Futhi uysvubela batata. Uvubela liphalishi libile libe yimahewu.

530

67 Aphuphute ingwebu. Kusinje banu. Futhi noma weda mkhupha uya wufahia mbila ube sewukweca batata uwuhlanganise nehlamo. Ubophe ngesiguje ufake etiko. Kube umkhupha nothambe waba yifothofotho.

Majumbi.

Besengihulumile ngemajumbi kojwa ngashiyelela kokuthi kojwa adliwa tigaqa, nje, nemithebe yawo yikudla.

Banu laba bendlala, baohamukise kudla lokumnanji. Sebeye bahe magwagwa lawa emajumbi bawacobe bapheke sigwamba (sijabane) ngawo.

Siye sibe mnanji kabi. Sifwane nesijabane semifino yetinanga. Sasikaje singakwati thina kokuthi nemithebe yemajumbi ingase ibe yikudla. Kani banu nabeswele kudla bona bayaqabanga. Sigwamba semithebe yemajumbi simnanji siyesabeka. Ngeke
68 umnike nyokohulu ekhwelwe yimehlo.

Bontshisi.

Wona, ke, awudliwa tomanje. Nembali. Udliwa mijumbu. Bayicala iluhlata, hayidle mifino. Bawuyeke ucine. Bawudle futhi la umagxwala, tihlamvu tisathambile. Rabe sebewulinja woma. Bawuvune. Bawudle, ke, sewomile. Tihlamvu tawo yitona netiyikudla.

Uye abulwe, eliwe. Afakwe enyweni natobekwa ngawo ewumuhu. Kube yiloku kuhiwa kuxubwa kudla ngawo.

Ngoba mangabe upheke dobe, nohlafuna nihlafune, besenitishiya Setifakwa bontshisi. Sekuthiwa upheke dobe tabontshisi. Mangabe ugqule sitamba uye uhe bontshisi uwuhethe uwuxabe esitambini upheke. Kuthiwe upheke sitambu. Ngoba mangabe usipheke
69 sojwa, sihlophe, akushiwo kokuthi upheke sitambu kuye kuthiwe upheke likalipense.

Mangabe utobonja sigwaqane, uye upheke bontshisi uwubondele ngemuphu. Mangabe unabatata uye upheke bontshisi. Uthi la uthambile, ucwecwe batata uwufake. Unonge ngetinongo taho.

Kuvushwe, ubonje ufake etitoheni, kudliwe.

Ngibala bontshisi, nje, ngihlanganisa nato tohe tilimo netifwana nabontshisi. Tindlubu imbumba, manongomane.

Bontshisi lo uyawupheka wojwa siphuphutho. Wome. Ube mnanji uwudle ngesandla. Futhi uyawupheka lutiti. Ubonje sewunongile. Kube mnanji.

70 Kojwa unesijina. Ngeke ube yisika yesisu. Ngeke uwudle ekuseni uwudle emweni uwudle mashona kute kuphele lisonta lohe uwudla uwojwa, ngoba ungasuke uphathwe yisisu. Muhle, nje, wona uthakwe netidlo netimwe.

Awufwani nembila. Mbila uyisika yebenu ngoba uwu bonja liphalishi., uwupheke dobe uvube masi. Uwede mahewu. Uwubonje luphuthu. Uthathe luphuthu uluvube nemahewu wede sititinya. Ngingasasibali, ke, sitambu nesithalaphishi ngoba usuke sewuxube nabontshisi. Sengingabala maqebengwana. Ngibale mjhupha. Besengi buyela embileni nomusha. Lifuthu jeqe. mdokwe, yimaqebengwane embila nomusha efakwe enyameni. Ungaphila ngembila wojwa. Kojwa ngeke uphile ngabontshisi wojwa. Masi ke ungawavuba ngani mangabe ungenambila. Mahewu 71 ungawathathaphi, ke, ungenambila unabontshisi? Ungalithathaphi ke, liphalishi ekuseni mangabe unabontshisi x yejwa? Uthi ungabuka ekusene udle bontshisi, noma sewulala udle bontshisi? Ngeke kulunge. Nakesiswini saho kungonakala.

Matambane.

Matamnane athela tigaqa ngakasi. Yitona tidliwayo tigaqa leto. Awadliwa mahasi lawa naba yilihaba ngakandle. Kudliwa tona tigaqa.

Nawo matambane awafwani nema jumbi nabatata. Wona athanda kudliwa netino. Asikona kudla nokupheleleleyo ewojwa. Athanda kusheba tidlo.

Amnanji wona kahulu. Ngoba ufike uwagweqwe ceje uwapheke. Mangabe evushiwe uwabonje. Abe yisihuphashi nesimnanji. Ma uthanda uwadle eyitigaqa.

530

72 Ube sewujinga nawo, ke, ngoku kokuthi utowadla kudla kuni ewojwa.

Ube sewufumanisa kokuthi kufwanele matambane aphekwe nenyama, aphekwe nemuphu, aphekwe nabontshisi aphekwe nesitambu aphekwe adliwe nemcaba. Aphekwe nelithanga.

Awadliwa luhlata. Nabamwe bayawosa. Noma ungawalimile, nje, matambane akubi naqala.

Mabele.

Mabele, ke, wona yiligugu lebanu. Awadliwa etimanjeni. Adliwa tikhwebu tawo. Nato tidliwa setivushwe setibovu. Awadliwa lifuthu. Ayasihva.

73 Imbewu yawo yitona tihlamana leti netibomvana netihlala elizimbeni. Mangabe ebulwa, kuye kuthathwe wona mazamba lawa abulwe: kube sokuphuma tihlamvana leti netibomvana, nokuyitona tiyiligugu lebanu.

Usebedi wawo ngiyawubona uwonke, wekuba eiliwa. Kojwa Hhawu! Yemajoda! Yate yaba yiligugu ino kubanumtane. Mabele lawa yiwona nawondla miti yebanu, ngekwemvelo. Kojwa kuyatiwa ekhathi kwebanu kokuthi munu esemqane ukhinsela akhinsele tohe tibaqanga tenina, akhule. Abe yisiva, abe yisiva aganwe abe yinjoda ngoku. Abe nemuti.

74 Utophathwa yinesimwe sandla nesitomthophisa kunesandla senina, abe sekhumuka ukhaba ke ngoku. Esetibusa. Mangabe eseyisi khumukane, usekhetha kudla. Asatithanji kahulu tibaqanga leti. Ngoba tijahwa yitingane tona tisa khula. Yena useloloku athi noma etitholatholile tibaqangana leto, abe emelwe wubonywana wahe nje welijiki nalisilelwe wuyosikati, maqumbana wahe. Aloku etihabulela nje, ngoba uyoma.

Nohe niyati kokuthi banu nabadla bayoma. Baye bathanje kugadwa ngenywana nephudwayo, kute banqibilike. Mnumtane ahlale enabonywana wahe wemahewana nangapheliyo nje, ewejelwa owakwahe, ngoba naye etondlele.

Kuthi nesiyambi nesifika sibule we lilanga emtini wemnumtane
sifike sisinje kwelomnumtane.

75 Loko bekungemahloni nete. Kwate kwafika befunjisi bephuma
phesheya. Bashumayela bukholwa ekhathi kwelive. Bukholwa
bwangena ngelinxele kubanu. Bwangena ngekudala miqondo yekuthi
sengathi tohe tino temvelo tiyisono. Kuhle kutilahla. Ngoba
mangabe sive singehlukani nemvelo sitosha esihogweni.

Mangabe ngisho loku ngithatha ngamafuphi. Ngekubona ino
nesityihona. Sive sebanu salimala. Angati futhi kokuthi sophinje
sibuyele yini esimweni saso. Nosebeda nani mahosi nisicoca.

Munu ngekwemvelo uphile kahle kahulu. Ehlidiyweni
nakemoyeni wahe. Wethembekile. Unesihawu. Uya ngenisa esiyambini.
Uyandla etinanjaneni. Uyisihlobo nesineluthanjo. Abuho
bugebengu kumunu.

76 Anoke niphawule ngoba ubeke aphume munu elambile. Ayambe
live ngempela eya kosobanibani, tihlobo tahe netikuje ngempela.
Eyakoqela kudla. Kokwethekela. Ayambe elala evuka, elala evuka
kute kuphele masonta namabili namathathu. Ayambe engawuphethe
mphako. Kojwa ngeke afe yindlala.

Utothi engatiwa, ayambe ayambe, abone muti nje wahile
umhulu. Abe sebona kokuthi wumuti wemnumtane lowaya. Abe
seyohuleka hona. Ebika ethi "Eh! Mnumtane! Esonhambi asingakanani!
Singangeso yenyoni.

77 Usetothi mnumtane, ngena. Usengena, enikwa sigqiki. Usehlala.
Usebingelelwa. Kanti emlobatisa ngekumbuta kwekuthi uyaphi,
uqhamuka ngaye, uwu ani, kohe loko, ulungela kwekuba itongena
inombatanyana yahe natova ngayo kokuthi yisona sihathi sekuba
ayalete kokuthi nina kuhle aphakele munu lo kudla.

Ufati unele wabona nje umunu ehuleka, wandandanisa ngale.
Washayanisa maphiko ahe. Noma besekudliwe utothatha loko
nobekubekelwe umnumtane. Alungise nabonywana wemahewana.

Ova ke esethumele mnumtane. Kokuthi "Webani, tshela nyoko
lowo afunele munu kudla.

Utobona munu kungena likhuthu. Abone kungena lukhamba lwelijiki. Abone kungena majumbi noma batata. Noma tindlubu netiyisiphophotho. Abone kungena noba yini nje. Kuhlale ngembali kwemnumtane. Sekungena madi. Asenikwa siyambi. Sesigeta. Sesidla. Sesesutha. Sesiphuta. Sesiphumula. Sesibuye
78 sidlula sitiya mbela. Mangabe athanja mnumtane uthi masilale siyambi. Usegola imbuti esihlabisa bayihlide bafwana bayipheke. Sekudliwa ngesiyambi njalo. Kuyasa usibophela likhuthu sivuka siyedlula.

Sesitothi, ke, mangabe sesivalelisa sithi, "Hhawa! Wena wakekuthini, Kupha munu yikutijumisa! Kunqisha siyambi yikutijumisa. Lunyawo alunampumulo. Nawe wote ufike kwami." Siphume siyambe siyambi. Nangembali siyokhuleka basenyulele njalo bengasibiti mali site sifike la besiya hona.

Lowo nje, kwakuwunqya webamu kucala, ingaka fiki inkolo eliveni.

Yafika, ke, inkolo. Kwaba sengathi ifike nenguquko
79 kumunu jikelele. Baphela banumtane ngoku. Kwabonakala ngetedo kubanu kokuthi lano iyahuluma kubona. Iyafunjisa ifunjo nengadile netobulala live.

Kwaba sengathi banu bohe bayaphenjuka bayaholwa. Kwaba yilowo noholwayo, wa (1) lahla ingubo yakubo. Wa (2) lahla kudla kwakubo. Wa (3) lahla similo sakubo. (4) Walahla mihuba yakubo. (5) Walahla kwaha kwakubo.

Hhabe! Yinakala ke injaba nohlanje munu ayilutho! Uyamba nje nawe awumwethembile munu Yosi.

Munu.

Kwenela kufika buholwa, wathatheka munu. Wathi mhla ephenjukayo, wakhumula tingubo tahe wathi yisono kugqoka
80 ingubo yakubo. Wathatha ingubo yebalun u wayigqoka. Wathi usekholiwe impela.

Kwasekuthi mangabe ebona munu nobince sidwaba nelibeshu wambukela kasi wathi liqaba leli ngoba liyabinca mina ngiyi likholwa ngoba ngiyagqoka.

(2).

Wehlukana nemabele. Kudla kwemdabu nokondla banumtane babe yitikhumkana kwathiwa emaholweni awadliwa mabele, lijiki nemalehu ngoba mangabe uphuta malehu udla iyonyana. Udla emnceleni. Utobuye uphude lijiki futhi. Utoba nesono ungabe usaba yilona liholwa.

(3).

Kwathiwa lahla similo sebuqaba wede similo sebafunjisi.

81

Bafunjisi, ke, yibelungu. Ngoba bahlophe.

(4).

Kwathiwa lahla mihaba yakini yembolo. Wede mihaba yebafunjisi. Bafunjisi yibelungu, ngoba bahlophe. Uyilahle yakini ngoba iyisano, ungeke ungene ezulwini mangabe usa bambelele emihubeni yebuqaba.

(5).

Umunu ngeluthando lwahe wayeselahla nendlu yekhwabo yebuqaba wahlala endlini yebalungu.

Yini, ke! Le! Munu walingisa inombi iya kogana. Washiya kohe kwekhwabo kasi waphuma waya kogana ebuholweni. Akumlungeli. Nomava awuseho. Ngoba nomaqaba usewenyanya.

Nalaha kulomenjo wahe awumchumi. Useyisiqingatha, nje, ke, ngoku.

82

Ngiyabuta kunina Makhosi.

5.

Kojwa nithi ngoba munu eseyi liholwa wayeseyolahla kwaha indlu ngebwani? Siqunga? Yini ngoba siqunga sefulelwe kahle seda indlu nephole kahle kangaka? Nengena moya nangato timbobo tesiqunga nje. Kuthi noma munu engaphumelelanga kuthenga mafasitele, moya udlule ungene ngetiqu tebwan?

Munu indlu yahe yebwani ayinameke kahle ayigudule ngelujaka, iphole. Embe nemiqako, le, emithaphweni yayo ayilobe kahle indlu yahe, ahlale kukuhle?

Uyasuka laho umba sijuli uyayigandaya kahle indlu.

83 Tiyayigudla iba luhlata. Alokuyisinja, nje. Alokuyishanela ingahlalwa mpukane.

Yini ngoba indlu nenjalo iyafujumala ebusika, iyabanja, ipholile ehlobo?

Kojwa, ke, maholwa athi yimvelo, le, yisono. Seyimbi lendlu. Sekufuneka Thayela. Nathayela lowo bangabe besa yifeta mihuba yawo.

Munu abange ngekuthi mangabe ~~niz~~ ngiwuthengile ngawushayelela eluphahleni ngobe ngiqedile. Bayongibona kokuthi ngiyikholwa.

Angaqabangi kokuthi belungu baha ngawothayela, nje, banelisu labo nabaledayo. Kasi bagandaya ngemapulangwe. Etulu ngekhathe bafihle thayela ngemapulangwe. Mangabe bethanda nakemaqeleni bafake mapulangwe. Babe sebeyambe befaka tibuko tekungenisa umoya.

84 Mangabe sebehla ekhathi, babuye bamboze ngetinjwangu hona laha kuletimbobo netiyitibuko, ngoba kuhanya, kunesimwe sihathi akufuneki kahulu. Kunesimwe sihathi kuyafuneka.

Kube sekuthi letindlu tabo ehlobo tingashisi kambi. Futhi ebusika tingabanji kabi. Futhi nekuqonsa kwathayela akube kusaqonsela etinyweni tebanu, naketulu kwebanu.

Umnikati wayo, ke, ahululeke ngekuba ayihlele indlu yahe, nemahla yayo ngalelosu lahe nelithandwa yihlitiyo yahe. Kojwa lendlu yona ehlobo ingabe isashisa njengoba bekungashisa thayela engambozqanga ngemapulangwe. Iphole njengendlu yefulelwe ngesiqunga, yaganjaywa ngesijuli.

85 Siqunga nje sihle ngoba mangabe munu esuke esefulele ngebunono sibukeka kahle. Ino nje neseyihlupha yikona kokuba asiseho kahle eliveni. Sefuna kuphela.

(4).

Nithi mihuba, le, yayifwanele kulahlwa yohe? Mina ngibona sengathi nemimwe mihuba yayifwanele iyekwe. Kojwa kuhona nemimwe mihuba neyabe imihle ingafwanele kuyekwa noma banu beholwa.

Njengalomhuba wetinombi, nje, wawumuhle kahulu. Wekuhladeka Manombatana ayehula ephethwe yibonina. Mangabe seyingena ebunombini ibe seyingena emshungwini wetinombi takuleso sifunja. Tino, bi netimele ihladeko. Tishelane tohe tindlela tekuvika bafwana.

Titati tinombi kwekuthi tiyisitsha selikhethelo eliveni. Bunu benombi bweda batali bethwale siqholo. Tiyalane tojwa, timisane kahle. Tihlolane.

86 Mangabe kuba hona inombi nethanda kweda bufebe, ibitelwe enlanganweni enjaweni nethile. Lithethwe yitona tinombi. Mangabe liyilahla leyo nombi, ijeze. Noma be ingakaton i bisacala nje kweda ukhuba webifebe nojumata tinombi takuleso sigoji, iyajeza.

Mangabe sono sayo silingene kokuba ishaywe, tiyishaye. Tiyitshela kokuthi mangabe iloku yedenje tona titoyesula emehlanguweni wato. Futhi tiyiqebe ehaya.

Nayo, ke, inombatana ihlale ye saba. Yesaba namamwe.

87 Futhi ukhuba wekuphuta lijiki neluphuto lohe lolujakanayo, wawumuhle. Nagwayi, necangu, nato tohe tino netibemwayo. Bewumuhle lothetho ngoba kwakungavumekile kwekuthi ingane ingaphuta. Kwakuphuta banumbatne bojwa. Netalukati. Bafwana bengaphuti. Kuphuta majoda ngempela. Tinombi nabomahoti banga phuti. Kwuthetho nje lowo, ucinile. Koyilihlale kubona isiva ijakiwe. Noma ibema gwayi. Nenombi nganokufwanayo.

Miningi, ke, nemimwe mihuba nemihle. Noma ngingenakuyiceja yohe kulesihashana, ngingabuye ngiyibale. Manje ngisajaha lenjaba yami nesangiyicalile.

Awuboni, mihuba le, ngeke siyiconje mihuba yesive nesihlophe. Siyayati mihuba yebafunjisi. Mihle yohe. Kojwa asihlali nabo bojwa. Bayibefunjisi, nje, nabo bayisive simwe nebelungu.

Belungu nabo ave beyima holwa bohe. Njengebanu ave beyimaholwa.bohe.

88 Mangabe sesiyilahlile mihuba yohe yekhwethu, sitofuna kweda mihuba nemimwe. Sesitotibonela, ke, kokuthi mihuba yesive nesihlophe yiyona nemihle ngoba buholwa sabuthola kusona kanti befunjisi ave behleli nathi njalo nemihuba yabo nemihle. Thina sihlala nebelungu.

Akufwanele sibe sisabone mlungu eda ino yahe sibe sesithathela. Ngoba nabo nemimwe mihuba yabo mihle nemimwe mihuba yabo mibi. Kuthatha kukhohlakala kwalesimwe sive sikwede ngoba sithi leso sive siphambili, akunakusisiza kuhqono kunga yedi. Munu atiyekele kuyeda mihuba leyo nayibona imibi. Ede nemihle.

89 Sagqoka sawufihla utimba kwaba kuhle. Mangabe seku qhamuka imfashini yekugqoka tingubo netingenamhono netiqha mukisa tiboya temahwapha, tibe yimigexo neyamba ngetulu kwemabele kufwanele thina singa yedi. Ngoba ebuqabeni bethu kwathiwa yisono kuveza utimba. Ngoku, ke, lemfashini asisafwanele kuyela thina ngoba sesayeka kubinqa sesiyagqoka, siyaholwa.

(3).

Leno futhi yesimilo yayamba ngelinxele. Bafunjisi banesimilo nesihle kahulu. Kojwa abevi beyisive bojwa. Sive sekhwabo yisibe sebalungu. Ave beholwa bohe belungu. Nabamwe bane similo nesihle, belungu. Nabamwe banesimilo nesimbi.

Njengakuto tohe tihlobo nabamwe baba nesimilo nesihle, nabamwe babe nesimilo nesibi.

Thina banu habamnyama, ngekwethemba kwethu befundisi, saqabanga kwekuthi yohe ino neyediwa umunu nohlophe yihle. Yohe ino neyediwa imunu nomnyama noyiliqaba yimbi.

90 Lengqondo yethu yagxila ngakesifataneni sekhwethu. Kwathi
laha kufika umlungu wenjoda ehuluma kuganga esifataneni,
samhlekelala. Asate samexwaya. Wate wangena umlungu nongaholwayo.
Wangena ngakesifataneni. Wangena ukhono nesiphanga.

Okuthe kwethukeka kwakuphembeka sive nesimwe. Wabona
inombi yemunu nebewuthi itiphethe kahle, igqoke netixathulo,
ifulashe netinywele, ingenasoka, uthi mangabe uyibuka uyethembe
ngempela uthi impela inombi yabani iyilholwa. Isiyambisa
kwemlungu.

Uyayethuka ngoso isigone ingane nongalwati luhlobo lwayo.
Ingevi iwumunu. Kojwa ifwana nemlungu, ngoba tinywele ticonjile.
Nelihala licwijile ave liyisidavati njengelemunu. Nemhlo
aluhlata. Nakebusweni ihlophe.

91 Leno ijingise kubanu. Bahulume bengqumutela kasi. Bethi
yihloboni le nephethwe wunwanwa wasibanibani? Kani sasithi
uyilholwa, nje, aqomile, kani buholwa yikwedenje? Maqaba,
ke, athi, "Nekungqono ngeke siholwe thina netingane tethu.
Amuho munu laha ehaya notogona ingane neyisiyephunga. Angayidleli
namqhoyiso nalenombi neyede leno.

Kube sekuthi mangabe inombatana iwedile lokhuba nomubi
kangaka, ufike nebatali bayo sebethonyekile nje, bengasawubiti
nemqhoyiso lo.

Leno yafumaniseka yedeka eliveni lohe, lekhwethu.
Kwasekuqambeka sive nesisha nesibitwa nekuthi yimaBasitele.

Uma sifatana sasive sibuthakathaka, sive siye sibe
buthakathaka. Uma sifatana sasive siqotho, lesa sive
siyahlonipheka.

Ake nobeke sifatana semakula. Siyahlonipheka. Asibonwa.
Sifihlwa ngale etindlini.

Ake nibeke sifatana sebelungu. Aseshelwa wumunu. Ngeke,
nje, uyibone inombi yemlungu ithanda munu. Uma kuyikuthi kuke
kwedeke nempela, batali bathatha tinyathelo ngemandla.
Babehlikanise bengakonani.

530

92

Ungeke nje uyibone inombi yemlungu igone libasitele lemumu.
 Ungeke nje uyibone inombi yelikula igone libasitele lemumu.
 Kojwa ungabona inombi yemumu igone libasitele lemlungu,
 ubone inombi yemumu igone libasitele lelikula. Kube sobala,
 ke, kwekuthi luhlanga lwekhwethu luqindetelwa yisifatana salo.
 Asitihloniphi.

Asitihloniphi, nje, sifatana sekhwethu, kweda nabobanu
 belibandla. Banokhuba nobuthuntu. Kwediwa yini bona, mangabe
 bebona inombatana itiyambela, nje, babe sebeyikhutela tiga?

Uve, nje, noma uthi uyatiyambela nje, wahlangana nebanu
 besilisa. Kutoba yilowo athi "Tshubu! Ngilala ngelisaka!"
 Nomumwe athi, "Wobu! Qoma nombi!" Nomumwe athi, "Yeyi! Uyajela
 nolala esifubeni kuwe!" Nomumwe uve, nje, ethi, "Ngokudla nini
 wenombi? Wota sishone lahaya esihlahleni ngikudle!"

93

Uve kuyamba utimba ukushiya. Kojwa tohe letino tihulumwa
 yibanu besilisa batihuluma njalo behlisa sifatana sabo.
 Bayasigcona eliveni. Sekuva nebalungu, nemakula. Beva isiva
 yemumu igona sifatana sayo.

Sekulula, ke, ekuleni nakumlungu kungena ngelinxeba.
 Akhulume yona leno nengcole kangaka esifataneni semumu.
 Nababuthakataka, ke, besifatana bavume. Bede ukhuba nemumu
 wetive nongeluhlobo lwahe. Kandukuba kuqhamuke loluhlobo
 nolwethukekileyo, lwemabasitele.

94

Kuhle bafwana bekhwethu baqale nesimwe sinilo. Bafwana,
 hloniphani manombatana. Niwasite. Ningawagconi. Mangabe
 inombatana uyithanda, kuhle uhulume kahle nayo. Uyeshele.
 ngelisu nelihle. Ingate ibonwe yibo bohe banu kokuthi uyayeshela,
 ngoba usuyambe uyivimbela etindleleni. Usuyambe uyiphoka, u
 uyibamba. Usuyambe uyigcona ngawo wohe mandla aho! Kubi loko.

Khulumani kahle netinombi. Mangabe uconje kuyithatha
 kungqono, noma ukesikoleni, uhlele neliprincipal lesikole
 nofunja kusona. Ucele lisu lek weshela leyo nombi, ngoba awudlali
 ngayo.

Ngithi liprincipal lingakuhlelela lisu nelifwanele lekuba uhulume naleyo nombatana ngasese, ngakandle kokuba uyambe uyigcona ngembali kwebanu, uyehlisa.

Futhi inombatana ikuthanda, kuhle kube yiligugu loko kuwena. Nawe uyithande. Ungadlali ngayo ingane yemunu uyede
95 sifebe saho. Khumbula kokuthi luthando luhle. Alungcolile ngokwalo. Lwadalwa uThixo. Naye luqobo lwahe, Thixo uyiluthando. Nebanu labakhoda yena bamkhoda ngoba bethanda bona kumkhoda. Akute kungacinjetelwa munu kokuthi akholwe.

Luthando luhle kahulu. Loniwa yibanu. Tinombi tenu tithandeni bafwana. Ningedi nihuba nato. Mangabe senibona kokuthi senikhulile, anisenawo mandla ekutibamba, yambani niye koticela tinombi kubatali bato. Nitilobole. Nishadiswe nato. Kanduba nitibone kokuthi tiyibomahoti benu endlini.

Ma nedenjalo, niyohlónipheka. Nenzalo yenu iyohlónipheka. Nesifatana sakini siyohló nipheka. Nani banu nabamnyama yihona ningaba yisive, ke, nihlónipheke.

96 Lenjaba ngiyizamile kuyibeka ngema nani ayo, nayiliqiniso. Ngiyethemba ngithi aluho luhlangothi nengilulimatileyo.

Bafunjisi. Angixabene nabo basisita kabi basihanyisela Nkulunkulu. Sathola nekufinja.

Belungu nabangaholwayo angixabene nabo. Ngixabene nekweluleka tingane tami. Bona bahle mabasebede yohe misebedi yabo ngenkululeko njengoba beda. Yitingane tami lengixabene nekuteluleka kokuba titiphathe kahle behona bona.

Makula angixabene nawo. Kuhle asebede yohe misebedi yawo ngenkululeko yawo nahulumeni. Mina ngixabene netingane tami kokuba titiphathe kahle ekhona.

97 Silisa sethu yisona ke nengikhala sengathi singasita sifatane sethu, ngekusihlonipha. Ngoba mangabe silisa sesisihlonipha sifatana, banu nabamnyama bayoba yibanu, babe yisive.

Sifatana, ngixabene naso masinjinja. Kuhle kutiphatha kahle ngoba yithina siphethe kufa nekuphila kwesive sekhwethu.

An ixabene nemabasitele. Ngiyawajabukela ngoba nawo awatejanga. Mhlaumbe wona ayeyokweda kangqono kunebatali bawo. Asefwanele yikuba ethwale nzima ehlabeni ngenxa yebatali bawo nabawaqalayo, njengoba umbalo wati, "Tono taboyise tokwehliselwa kubanwanwa. Kwabesitukulwane sesitshathu nakwesesine sanaba ngitonjayo."

98 Ngako, ke, labanu bayisive ngoku. Sive nesihona. Kuhle nje kohe nokwediwa wuhulumeni. Ngoba etinjaweni n etinjawo, hulumeni uyazama kubahela tikole la betofunja hona. Nabo baphucuke babe yisive nesihloniphekileyo. Nesinemisebedi nemihle nekhanyisiweyo. Loku kwede kokuba tihe tive netilaha eliveni lekhwethu tihlale kahle tisebede kahle. Tihlonipheke kahle.

Noko, ke, sengiqedile ngalenjaba. Ngithi, kinina, ngilingile ukuhuluma kahle ngayo, noma kuyinjaba nenzima kuyihuluma. Niyongixolela, ke, bazalwane. Angijongekulimata munu. Ngijonge kusita kuphela.

(2).

Kwehlukana nemabele kwaletsa ingoti. Mabele yikudla. Noma egayiwe mabele yikudla. Lijiki ute njakwe ulesuthile.

Mina atange ngiliphute lijiki. Ngabo ke, yimina nengawubombayo uthetho webafunjisi. Ngiyati kokuthi anginamunyu waluphudo.

99 Ungathini, ke, banu habamwe baliyeka lijiki ngoba liyisono. Kojwa babona kokuthi nempela bafunjisi batomjela bathi kuyena uyiliqaba ngoba usaphuta lijiki.

Abe seliyeka, ke, munu lijiki. Uliyeka njalo, ihlitiyo inelibabalazi. Iyaluthanda luphudo noludakayo. Lijiki uliyekiswe yikuba etobonwa lihelelwa abonwe eliphuta kuthiwe uyiliqaba. Abe seliyeka ngoba ethokotisa mfundisi. Mangabe mfundisi engeho aphude. Ngoba ihlidiyo yona iyalithanda lijiki.

Umunu nonjalo, ke, wuyena lona noyeka lijiki aphude tidloyiya leti. Shukela phela wona awuthathi tisuku. Ubila ngoku. Mangabe uwuvubele kuzihlwa, uye uwuhlude ekuseni.

100 Yibo, ke, labo banu naba yingoti. Bapheke tidloyiya leti bayambe befunwa nayimapoyisa. Bayambe bebambwa bebophwa. Babophwe ngeno nebajaka beyiphute ngelikopi. Bayotshwe bengasuthanga nekwesutha. Bemane baphuta ngelikopi nje.

Mabele wona ayikudla. Ayeyikudla nakuqali. Ngoba anesithudi wona. Nahulumeni nangoku awavalele.

Ayikudla kunabawadlayo ngoba ayesuthisa. Munu ngeke ayakwe engevi elesuthi lijiki. Ucala ngekuba aliphute alesutha kanduba ahlakani phe. Futhi munu ejakwe yilijiki ave ejakiswa kwemunu
101 ejakwe wubulandi. Au! Umunu waShenke ujakwa abe yimuphu. Kube sengathi uselula njengeyuku mangabe ihwelwe wumphusho. Kojwa maholwa namaningi aseyali yeka lijiki, mangabe lenqabelwe yimithetho yelibandla lawo. Apheke shukela aphute wona.

Nalaha nje esikoleni sekhwethu lapha ali saphutwa lijiki ngoba loko wuthetho wekuholwa. Nempela maholwa ayahlonipha angalisili lijiki.

Kojwa eda incaba ngoba apheka Bulande aphute wona. Mangabe sekuxakanisekile, nje, apheke ceje athungele ethibothini. Aklelise mankomishi ngeli (tray) thileyi. Kani kuloku
102 kuthungwa nje kuthungwa shenke. Kubekwe mathibothi namabili kamwe netiyomishi netibili yihona mangabe kungena mfundisi ayamba nanomumwe munu, bona bafike babaphutise kuleli thibothi nelinelitiye. Kube sekhiphwa lithileyi leli letitsha nebeti phethe shenke.

Afike bemthophisa shenke lo, bebitana. Bathi, "Unano munu uphi? Aphenjule nomumwe athi, ngimbone lahaya kwambele.

Sebetoyamba, ke, baye kohlangana kulowo muti. Kuthungwe wona bulande. Ngoba nanomunu yiligama lawo.

Kojwa, ke, bayaholwa. Bawa yeka nemabele. Kojwa badla Bulande. Leno nekhwela ekhanja masinyane .

530

103

Kuncono kwethembeka kunetino tohe. Mangabe uphuta, phuta. Watiwe kwekuthi uyamba nje uyaliphuta lijiki.

Mangabe ungaphuti. Kwatiwe kwekuthi awuliphuti lijiki. NaBulandi awuwuphuti. Loko kuhle nje. Akusiti kuthokotisa befunjisi bahlale bekwethembele kwekuthi uyiliholwa labo, kani nkulunkulu uya kwati kwekuthi wena uphuta Bulande.

Netingane tesikole netiningi tiyamphuta Bulande. Timphiwa emakhwabo mangabe usuke uphekiwe.

(1).

104

Ngibuta tijwaba kokuthi tiyisono ngani? Nelibeshu? Ngoba inombi yemunu uye uyifiqe ivunule buhlalu bayo netino tayo, iqonsa, qo.

Ufiqe isiva yemunu ibincile yavunula buhlalu betinombi tayo. Yate q yaqonsa qo.

Ngithanda kuyamba kwabo banu bangakandle. Baqholoshile. Bayamba babeke etulu bahiphe sigaga. Balahle mahlombe ngemuva, banyakatise tandla.

Umunu umbone eyamba kokuthi anamahloni alutho. Uphefumula ngalokupheleleyo. Maphaphu ahe ayamba kahle. Ayiho naleno nabathi yi T.B. aegatini kuye.

105

Ufiqe likholwa selitibophe tinyawo ngeticathulo neticinayo Sliyambe liqhenya sengathi lishile. Libeke kasi tinjaba temqhenyo ngoba lifake tixathulo. Ufiqe selifake tohe tinnqubongubo leti netifakwa yimaholwa ngakasi tekusekela utimba. Besekifaka tangetulu, ke. Liqhenye liqhenye ngetixathulo netingubo talo. Nesigqoko salo, noma yilijuku.

Ngoba phela kubukeka kuwuthetho wemaholwa kokuthi lithi mangabe lingasengane leluke ehanja. Mangabe selishadile lishuqule ehloko. Mangabe lingashuqulile, ke, litofaka sigqoko. Selote life lingasayambana nehloko.

Kuthiwe liyahlonipha. Besengimangala nje mina kokuthi thina sawuthola kanjani lokhuba wekubopha ihloko lona ngoba uyangihlupha mina. Angati kunabamwe.

530

K13/27

42

106

Awubeke. Ngitofike ngeluke kahle tinywele tami. Bese ngitifihla ngekutibopha ngelijuku. Ngihlale ngihlale ngiticace ngiteluke futhi kahle. Besengitibopha ngelijuku. Tingabonwa munu.

Lelijuku litote libe yisibango ngoba tinywele tibophwe njalo tiyashiselana. Tiqothuke. Kojwa unywele yibuhle bwemunu wesifatane.

Mina ke banu bangibona ngani kokuthi ngimuhle kangaka, loku tinywele tami ngiteluka ceje ngitibophe nje?

107

Belungu besifatane bayamba ngetihloko tabo. Bafake tiggoko tabo mangabe bethanda. Babophe ngemajuku abo mangabe bethanda. Kojwa ababophekile. Bakhulu lekile. Bangakweda nabakuthandayo ngemahanja abo.

Makula awatibophi tihloko tawo. Atibopha mangabe ethanda. Aggokisa mitimba tingubo leto tetimba.

Maqaba awalibophi lihanja ahonipha ngemncwazi, nowediwe mgongqololi ngebuhlalu, wagqokiswa kwesicoco enloko. Tinywele tawo tihlala tediwe kahle. Atibophwa. Aticothuki.

Thina, ke, satibophelani tinywele leti? Sajeziawa ngoba siyimaholwa yini? Ngoba netinywele leti tibuye tishiselane ticothuke, nje, sitokwedenjani. Au! Yisitokwe kuba ufati weliholwa. Wote ufe ubophe ihloko.

108

Sengejuka kahulu. Kani ngihuluma ngetilimo. Kojwa tilimo leti teda tidlo. Tidlo lidliwa yibanu. Ngako ke yohe leno yimwe, ihlangene. Iyayambisana.

Ife.

Ife yona iyatshalwa, inetihlmvu netingangetemabele. Iyakhahlela njengemabele. Ivushwe ceje idliwe. Kudliwa lizele layo. Kukhiwe mnyani uye kolengiswa noma uphanyekwe ehaya endlini nebaswayo. Uyo kwethulwa mangabe sekulimwa, uye kohlwanyelwa.

Awuho, ke, nomumwe usebedi wemfe. Idliwa lizele lelo
luhlada. Ngetihathi kufulwa. Munu ayambe nengane. Afule afule
agcine. Abe seha inyanda yefe. Ayibophe. Yethwalwe yiyo ingane
leyo. Bafike babelwe badle ehaya.

Mbila.

109 Nomusha uphekwa lifuthu, najeqe, nemahewu, nelijuma
(liphhalishi). Nondokwe. Wosiwe futhi. Upheke dobe tabontshisi.

Nomjala ugaywa imuphu ubonje liphhalishi nemahewu
nemjokwe, namaschwapha nesijingi nesigwamba, nelijiki,
uphiwe tiyuku nemayashi netingulube. Neluphuthu. Nedobe
tabontshisi nedobe temasi. Nembantshi. Nemaqebengwane
nemkhupha. Nemhupha nofakwa enyameni nesangcobe.

Mabele.

Asila lijiki. Aphekwe dobe. Tihlafunwe. Tivube masi
mangabe tiwumcaba. Kusilwe liphhalishi nelijuma. Kwediwe mjokwe
kwediwe maqebengwane, nakhukhumala. Neluphuthu.

Bontshisi.

110 Uphekwa mijumbu isemisha ibe yimifino. Uphekwe sewomile
lutiti, nesithwalaphishi, nesibaqanga, nemkhupha. Nesitambu.

Tindlubu.

Tiphekwa mkhwili tistemadi. Tome ticobolonjwe. Tiphekwe
nedobe nesitambu. Natojwa tiphekwe tibonjwe siphuphuthu.

Imbumba.

Iphekwa yomile yacobolonjwa. Iphekwa siphuphuthu. Ixubwe
nedobe ixubwe nesitambu. Yediwe lubwikita lwelutiti.

Matambane.

111 Aphekwa eswecwiwe. Abonjwe sibaqanga. Aphekwe tigaqa.
Asikwe ticwecwana tithoswe ngemafutha. Aphekwe nenyama. Adliwe
nelilayisi. Abonjwe ngempuphu. Ediwe sitshulu adliwe najeqe.
Athoswe ebonjiwe ediwe tigaqa njenge makhekhi. Ayavubela.
A Eda nembiliso yetiwa neyetishimeyana.

Batata.

Mahasi abonja sigwamba. Tigaxa tivubela mahewu. Uphekwa nemahasi. Uphekwe uhlubiwe. Ubonjwe wojwa. Ubonjwe remuphu. Ufekwe esitamwini. Uphekwe nabontshisi.

Majumbi.

Akhishwa mmerke (tinjalo ne tisekandukuhlada) esahlakulwa udliwe. Avushwe. Kuhiwe mgwagwa kubonjwe sigwamba ngemithebe yawo. Kuphutwa ngelihasi lelijumbi mangabe kuhlakulwa. Ambiwa agalelwe ngelibojwe nemahasi. Ahlutshwe esedliwa. Acwecwe aphekwe nenyama noma nemafutha.

112

Marongomane.

Awaphekwa ojwa. Ayagayingwa nemahasi. Aqotsholondwe. Asilelwe emifinweni, nakesitamwini. Nakenyameni.

Mathanga.

Kudliwa mifino iqcbelwe ngetigabe. Kudliwe tigabe. Nemqheke (macezu) nesijingi nesigwamba, nesipawupete (Bontshisi uhlanganiswe neli thanga). Nebuthumbu. Nengxoxha (lithanga ligwecwiwe labonjwa.)

Mahabe.

Ave mnanje mahabe. Indlela yekudliwa kwawo yimwe. Anqumwa tingebeti netimbili. Kudliwe kudla nokukekhathi.

Maselwa.

Ayidliwa mifino yawo. Adliwa eyitigabe netisathambile. Kuphela. Mangabe esomile awadliwa.

113

Mabeqe.

Awadliwa tinanga. adliwa sijingi kuphela. nemqheke wemabeqe awediwa.

Maphudi.

Adliwa mqheke nesijingi nesipawupete.

Imbondwe.

Yona iyembiwa, nje, igetwe uhlaba iphekwe nemahasi. Ivushwe ceje iphakwe idliwe kuphela. Iyahlubwa phela mahasi mangabe seyivushiwe.

Magula.

Mangabe ehlade kahulu, umniniwo angawaha tigabe atiklabele atipheke. Mangabe esecinile awayeke ati avushwe. Awageqe, ethe kuwona masi. Wona ke magula mahulu mpela ngoba etha lubisi.

114

Mathongwane.

Mathongwane, yihlobo yema gula. Kojwa kona kudle ngokuba kunqane. Kulingana gwayi. Mangabe kuseluhlata kudliwa tigabe njenge maselwa. Mangabe sekomile, ke, kuphekwe kwejelwe kokuba kucine. Kugeqwe. Kuthe ga gwayi.

Banu bangoku bawethanja kabi mathongwane. Bohe laba nabayitinyanga, baye bagxushe kuwona lufufunyane lwabo.

Ufike belubonga bethi, "Sika nomasikela!

Bukuda kwesinengwenya!

Umfishane nongubo tinyathelwayo

Qolotha kamimango!

Mangadliwa tomo!

WeShaka kawushayeki!

115

Wena nojuma uhleti kaMwedi. Welembe neleqa namamwe malembe. Injaba nengayiva ngimncane ngate ngahula ngayibona. Ngemehlo.

Sika Nonkemba!

Balubonge balubonge lufufunyane lwabo mame babuye bayolufaka etinganeni tebanu.

Kuletino tohe netilimiweyo yisigwamba sabatata nesimithebe yemajumbi sojwa nesidliwa ngendlala.

Kuqishu kuba tohe letilimo netibalwe laha, tidliwa ekwindla. Tome ceje tivunwe ebusika. Tibe setidliwa kute kubuye kwethwase lihlobo kufike kona kweindla futhi.

Sigwamba yikudla kwebafati. Netijeku temajumbi futhi.

Ends 530